




# **M**NGIYI **MUSLIM**

**ISIGABA  
SOKUQALA  
NESESIBILI**

**SHEIKH ABUBAKER NAJAAR**

# VAKASHELA IMOSQUE ENKULU E-AFRICA ESE NINGIZIMU

UKUVAKASHELISWA MAHHALA  
SHAYELA (031) 3060026/7



*JUMMA MASJID* – Ku GREY STREET  
NGAPHESHEYA KWESAKHIWO SE IPCI

## UYAZI?

\*UKUTHI UMUNTU OYEDWA KWABANE EMHLABENI UYIMUSLIM

\*UKUTHI KUNAMA MUSLIM AYISIGIDIGIDI EMHLABENI

\*AWUCABANGI UKUTHI KUMELE WAZI OKUNINGI NGAWO!

\*KUMELE WENZE OKUKODWA KWALEZINTO EZINTATHU

1. SHAYA, UCELE ISIKIHATHI ONGAVAKASHELA NGASO EMOSQUE WENA, UMNDENI WAKHO KANYE NEZIHLOBO ZAKHO
2. VAKASHELA INDAWO YOKUMUKELA IZIVAKASHI KUKOPELETSHENI WASETHEKWINI, OKUHLANGANISA NOKUVAKASHELA IMOSQUE
3. BHALA UCELE IZINCWADI ZAMAHHALA ZE-ISLAM

**IZIKOLE, AMASONTO, BAMUKELEKILE AKUBALULEKILE  
UKUTHI ULUHLANGA LUNI**

**NGIYI- MUSLIM  
ISIGABA  
SOKUQALA  
NESESIBILI**

# ISAZISO

I-Islamic Propagation Centre International ithanda ukubonga u A.Kays ngokusinikeza ilungelo lokuthi sihumushe incwadi ethi I am a muslim ngesizulu ebhalwe ngu Sheikh Abubaker Najaar. U-A. Kays ohlala eRoshnee owahlanganisa incwadi esakhona nanamhlanje eyakhishwa eminyakeni engamashumi amabili adlulayo. Kwathi lapho ezwa ukuthi lencwadi izohunyushwa ngesizulu wajabula kakhulu futhi akangabazanga ukusinikeza ilungelo lokuthi ihunyushwe ngesizulu futhi ikhiqizwe.

Umuntu oweyenikwe lomsebenzi wokuhumusha ngesizulu kwabe kungu Fatima Mabaso owayethathe inkolo yobu Islam, wawuthatha lomsebenzi njengomsebenzi awunikwe uNkulunkulu futhi efuna ukudlulisa umyalezo kubantu abakhuluma isizulu. Ukuguquka kwakhe esuka kwiKatholika eza kwi Islam kwadala ukungezwani phakathi komndeni wakubo kodwa waqhubeka wabayi Muslim ngoba wayesemtholile uNkulunkulu wokugcina futhi enokuthula ngaye. Ngebhadi u-Fatima akalubonanga loluhlelo lokuhunyushwa kwencwadi ize ifike ekugcineni ngoba uNkulunkulu wethu esimkhonzayo waba nolunye uhlelo ngaye. Kwadingeka ukuthi abuyele kumdali wakhe ayemthanda futhi emkhonza kungathi uNkulunkulu angamemukela, Insha'Allah.

Alhamdulillah, ngobubele bukaNkulunkulu, kwafika uFatima Khululiwe Maphumulo owathatha lomsebenzi wokuhumusha lencwadi isuswa esingisini iya esizulwini.

Uhlelo lokugcina lokuhlanganisa nokufundisisa incwadi yokugcina yesizulu yanikezelwa kummeli U-Dawood Ngwane, oyisithenjwa sase IPCI.

I-IPCI ithanda ukubonga ngokungaphezi u-A.Kays, Fatima Mabaso ongasekho noFatima Maphumulo kanye nommeli Dawood Ngwane ngokuzinikela kwabo ukwenza loluhlelo luphumelele.

Islamic Propagation Centre International



## ISANDULELO

Incwadi esihloko sayo sithi Ngiyi-Muslim eluchungechunge ibeyincwadi eligugu emindenini yama-Muslim cishe iminyaka engaphezulu kwengu-25. Kanti ibe yincwadi efundwa e-madressa asemhlabeni wonke jikelele, iminyaka eminingi. Impumelelo yalencwadi idalwa yindlela ecacile yokuchaza nokubeka imigomo ye-Islam ngokusobala.

I-Nkampani yabashicileli I-Al-Khaleel izinikele ekutheni izoqhubeka nokushicilela loluchungechunge lencwadi ngokuhambisana nomoya womBhali wayo oswadlula emhlabeni, u-Sheikh Abubaker Najaar. I-Al Khaleel, izokwazi ukwenza onke amakhaya ama-Muslim akwazi ukuyithola ngenani lentengo eliphansi.

Umqondo wokuhlanganisa u- *“Ngiyi-Muslim ingxenye yokuQala neyesiBili”* ube incwadi eyodwa ungoncomekayo. Lokhu kwenzelwe ukuthi kuncishiswe izindleko zomphakathi.

Uchungechunge luka *“Ngiyi-Muslim”* njengendlela *“yokwengeza ulwazi”* kumbe indlela yokufunda ye-Islam yebanga eliphezulu ezikoleni. Ungaba u-Matekuletsheni wabafundi bama-Muslim emphakathi olidlanzana ongenalo ilungelo lwezifundo ze-Madressa ezifanayo. Ngenxa yalokhu lencwadi ejulile equkethe imigomo yendlela yokuphila ye-Islam, isebenza njengombhalo osiza ekugcwaliseni lapho izifundo ze-Madresa zingaphumelelanga ukufinyelela khona.

Uchungechunge luka- *“Ngiyi-Muslim”*, lubeka isizinda kulabo abathatha izifundo ze-Islam sebebada, njengoba inikeza lelo nalelo-Muslim ithuba lokuba lihlome ngama-temu azoholela ekwenzeni izifundo ezisezingeni eliphezulu ze-Fiqh.

Kanti kuyacaca ukuthi iNgxenye yesiBili iyincwadi ama-Muslim angayinika abangani bawo abangewona ama-Muslim kanye nalabo asebenza nabo ngaphandle kokujivaza inkolo ye-Islam. Labo abangewona ama-Muslim ngoba begxeka, njengothisha base-zikoleni zamabanga aphezulu, bangathola usizo olunzulu kulencwadi. Ibeka imigomo ye-Islam ethi ayifane naleyo esetshenziswayo ngaphandle kokugxeka labo abathatha izinqumo zokuyibumba.

Sengathi, leso naleso sifundo esifundwa kulomsebenzi wombhali othandekayo singaletha ukukhanya ethuneni lakhe, Insha-Allah.

M. R. NAJAAR  
June, 1994

## UKWAZISA

*UMNDENI* wakwa-NAJAAR, uzwakalisa ukubonga okungenamkhawulo ngokusebenza ngokubambisana no-Sallem Gaffoor no-Elroy Kleinveldt benkampani yababhali I-Formeset Printers, ngezaluleko kanye nomdlandla abawutshengisile. Kanti ukubonga kuyezwakaliswa naku-Abdul Amien ngokuhlela ikhasi elembozile, inkampani yakwa Argus ngezithombe ezisekhasini lokumboza, u-Faiez Martin ngokuhlela ikhasi langaphandle nokuhlelwa kwencwadi, ku Nazeme Adams ngolwimi lwesi-Arabhu, ku A. Kays ngokuhlela ulimi naku Nkosikazi N. Adams ngokuhlola amaphutha, nokuqapha umsebenzi.

## MAYELANA NOMLOBI

Uyise ka-**SHEIKH** Abubaker Najaar u-Sheikh Muhammad Sa'eed, wabe edabuka e-Makkah wabe esezinza eKapa. UmBhali waba I 'Hafiz', wafunda inkolo ye-Islam ngaphansi kuka yise owabe eyisibonelo.

Kwathi lapho eseneminyaka elishumi nambili wathunyelwa emazweni ama-Arabhu ukuyokwenza izifundo ezisezingeni elithe xaxa, e Kolishi laseTarbiyah-wa-Ta'leem e-Tripoli e-Lebanon, u-Sheikh wabe esephothula izifundo zakhe ngokufunda ngaphansi kwesifundiswa esidume kakhulu, u-Sheikh Jamil Adra.

Ukubebesela kwalowo owabe emfundisa ukuthi kufanele umfundi wakhe akhaliphe, aqhubeke futhi asabalalise ulwazi lwakhe lwe-Islam, kwanikeza u-Sheikh ugqozi lokuthatha umsebenzi wokuba i-Imaam e-Mosque yaseStrand, okwabe sekuthi kamuya waya eMosque esemgwaqeni u-Muire Kapa, lapho afundisa futhi waloba izincwadi ze-Islam.

Uchungechunge lencwadi yakhe eyaba nedumela kube "*Ngiyi-Muslim*" Ingxenye YokuQala neyesiBili (I-Islam yenziwa yaba lula kubantwana, abemfundo yezinga elipha- keme, intsha kanye nabantu abadala), ilandelwa eminye yemisebenzi yakhe eyaba nedumela, 'Umngane walowo othatha uhambo oluya eMthandazweni, (i-Haj ne Umrah Yenziwa yaba Lula), imenze waba liqhawe elivelele ngendlela eqonde ngqo. Kanti umsebenzi wakhe wakamuya iziNdatshana eziKhethiweyo ezikhishwe ku-Qur'an, zenziwa iziqephu ezingamashumi ayisikhombisa nangaphezulu zixoxwa kabusha ngemi- boniso yezithombe.

U-Sheikh Abubaker Najaar wazalwa mhla zingu 30 Mashi 1926 wadlula emhlabeni mhla zingu 18 Mashi 1993. Washiya uNkosikazi wakhe, amadodana amabili, amadodakazi amabili kanye nabazukulu abalidlizana.

August 1994

## UKUHLONIPHA

***“KUFANELE NITHATHE ISIFUNDO KIMINA NGAWO WONKE AMANDLA ENUNGOBA ANGAZI UKUTHI NGIZOPHILA ISIKHATHI ESINGAKANANI”***

*Lawa* kwabe kungamazwi abe eshiwo ngu-Sheikh Abubaker Najaar kuyo yonke imihla- ngano yokubonisana yamasonto onke ye-Ulama, ngonyaka wokugcina wempilo yakhe. Lapho siwathatha lamazwi, umuntu angawachaza ngendlela eyodwa kwezimbili. Okokuqala, uSheikh Najaar wabe ebikelwa ukuthi usezofa. Kanti iningi lalabo ababesondelene no-Sheikh ngeminyaka yakhe yokugcina, banezinto eziningi abazikhum- bulayo ezingasekela lemibono. Kodwa okwesibili, futhi nokusemqoka kakhulu, lawa kwabe kungamazwi ka-Alim owabe enogqozi lokufunda. Wabe ekholwa ukuthi inqubekela phambili kanye nentuthuko yomphakathi wama-Muslim kulele entuthuk- weni kwezemfundo. Wachitha isikhathi esiyiminyaka eminingi yokuphila kwakhe ethungatha ulwazi, kwabe sekuthi ngasekupheleni komsebenzi wakhe, waba nesifiso sokuthi adlulisele umcebo wolwazi lwakhe lwemfundo ezizukulwaneni ezimlandelayo.

Kwathi ngonyaka ka-1992, sekusele unyaka owodwa ngaphambi kokuba adlule emhlabeni, u-Sheikh Najaar wabe esesibeka phansi ngokungangabazi isikhundla sakhe, sokuba uMongameli kaZwelonke we-Nhlangano yama-Muslim eNingizimu Africa, okwabe kuyisikhundla abe esiphethe iminyaka elishumi nane. Lesisinyathelo saba isibonakaliso senguquko enkulu empilweni yakhe. Saba isibonakaliso sokuxebuka ngoku shesha kwezombangazwe zoMphakathi wama-Muslim, kanye nokuzinikela okunzulu ekuboniseni, ekufundisweni nasekubhaleni. Lezi kwabe kuyizimpawu ezabe ziwumhl- obiso ngasekupheleni kwempilo ka-Sheikh. Okwabe kuyisiphetho esifanele senhloso yogqozi lwakhe.

NgoMusa ka-Allah, u-Somandla, ngabe ngingomunye walabo ababa nenhlanhla yokuthola inzuzo ngasekupheleni kwempilo ka-Sheikh Najaar. Ngakho-ke kuligugu nelungelo kimina ukuthi ngiHloniphe u-Sheikh Abubaker Najaar ngombhalo ombanda- kanye kulencwadi ethi “Ngiyi-Muslim ingxenye yokuQala neyesiBili ehlangene, engikholwa ukuthi *“Ingumsebenzi Oncomekayo.”*”

Lomsebenzi ungaphezu kwezinye izincwadi azibhalayo, uyisibonakaliso semfundo yakhe Uheha ugqozi lokusungula isiko elingumsuka we-Islam ngenxa yokuphoqwa kwezikhathi nenselelo.

Inkambo nomoya ka-Sheik Abubaker Najaar kusalokhu kunathi ngendlela yokushicilelwa Kwencwadi ethi “*Ngiyi- Muslim,*” ezinye zezincwadi zakhe, izifundo zakhe eziqoshiwe kanti okokugcina okungekona okuncinane, kungabafundi bakhe.

ABDURRASHIED OMAR

Imam yase Claremont Main Road Mosque, 1994.

[www.islamic-invitation.com](http://www.islamic-invitation.com)



# OKUQUKETHWE

## ISIFUNDO INGXENYE YOKUQALA IKHASI

1	Umazi kanjani umvelinqangi.....	1
2	Izithunywa .....	2-3
3	Iqur'an nezinye izincwadi ezambulwa .....	3-5
4	Ngiyi-Muslim .....	5-7
5	Inkolo yeMuslim .....	7-9
6	UNabi Muhammad Wethu .....	10-11
7	Imigomo yeIslam .....	11-12
8	Iwudu (Ukuhlamba) .....	13-14
9	Yenziwa kanjani iWudu .....	14-17
10	I-Sunnat YeWudu .....	17
11	Yephuka nini iWudu.....	18
12	Ukugeza (Ghusl) .....	19-20
13	Imithandazo emihlanu yansukuzonke .....	20
14	Izikhathi zemithandazo .....	21-22
15	Izimo ngaphambi kokuqala umthandazo .....	22-23
16	Indlela yokuthandaza kweFard yeSubuh .....	23-31
17	Umthandazo oyimpoqo weThur, Asr, neIshaai .....	31-32
18	Magrib .....	32
19	Izenzo eziqeda (ezephula) umthandazo .....	33
20	Isunnat yemthandazo yeWitr,Nafil .....	34
21	I-Athaan (Ukubizelwa umthandazo).....	35-37
22	Iqamah (ukwenza umuqa womthandazo) .....	38

23	Umthandazo wokuhlanganyela (Salaatul Jama'a) .....	39-40
24	Ubani okufanele abe I-maam .....	40-41
25	I- Juma'ah umkhuleko wokuhlanganyela wangolwesihlanu .....	41-43
26	Imikhuleko yemingcwabo .....	43-45
27	Ukuzila (Saum).....	45-47
28	Eminye imigomo yokuzila .....	48
29	Zakaah umnikelo wabampofu .....	49
30	Ubani okufanele athole iZakaah .....	50
31	Al-Haj Uhambo oluya emthandazweni .....	51
32	Iziphi izinhlobo zenyama ezinqatshelwe .....	52-53
33	Ezinye izihlabani zeIslam.....	53-54
34	Izindlela zokuziphatha zomprofethi wethu .....	55-56
35	Ama-Muslim ayaluthanda uxolo .....	56-60
36	Izihloko ezimfishane kwiQur'an Engcwele .....	60-61
	Ukuhlaba ikhefu, imicimbi neminye imikhosi yama-muslim .....	61-62
37	Isha'fa'I Dua ul Iftitah .....	62-63
38	Isha'fa'I Tashah-hud (Tahiy-yaat) .....	63
39	Isha'fa'I Salawaatul – Ibrahimiy-ya .....	64
40	Isha'fa'I Qunnoot .....	64-65
	Hanafee Qunnoot .....	65-66
41	Onkamisa besiArabhu .....	67
42	I-Tasbeeh nemikhuleko emifishane .....	68-70
	Umprofethi njengesibonelo .....	70-71
	Ishadi leRaka'at.....	72

# **NGIYI- MUSLIM ISIGABA SOKUQALA NESESIBILI**

## **INCWADI YOKUQALA**

### **ISIFUNDO SOKUQALA UMAZI KANJANI UMVELINQANGI (U-ALLAH)**

Bafowethu nodadewethu,

Qalazani eduzane nani! Yini eniyibonayo? Ubona ibhentshi ohleli kulo, kumbe ibhodi Uthisha wakho abhala kulo kanye nezindonga zendlu yokufundela. Uke uzibuze ukuthi ubani owenza zonke lezizinto na? Impendulo ilula: Umbazi noMakhi.

Ngakho-ke zonke izinto kumele zibe nomDali.izulu,umhlaba,ilanga,inyanga Izinkanyezi imifula, ulwandle- konke kunomdali. Ubani uMdali? UmDali ngu – AL- Khaliq, ngesi- Arabhu,kungukuthi,uMdali.

U-Allah (uMvelinqangi) Wadala wena nabanye abantu wanenza naba namehlo okubona kanye nezindlebe zokuzwa. U-Allah unguMdali womhlaba wonke nakho konke okukuwo izihlahla, izimbali, izithelo kanye nembewu nazo zonke izinto ezikhona. Usidalele zonke lezizinto ukuthi sizisebenzise futhi sizithokozise ngazo Ngakho-ke kumele simthande kakhulu ngezinhliziyi zethu zonke. Kufanele simthande kakhulu ngaphezu kwabazali bethu, odadewethu kanye nabafowethu kanye nabo bonke abantu ngokuba enomusa kithina.

Manje akesiswe ukuthi mingaki imibuzo ongayiphendula:

#### **IMIBUZO:**

1. Ubani owenza ibhentshi ohleli kulona?
2. Ubani owakha indlu yakho yokufundela?
3. Ubani owadala ilanga, izinkanyezi,ulwandle kanye nemifula?
4. Ubani okumele umthande kakhulu ukudlula ubaba kanye nomama wakho?
5. Lithini igama lesi- Arabhu elimele uMdali?

# **ISIFUNDO SESIBILI**

## **IZITHUNYWA**

### **(UXOLO LUKA – ALLAH LUBE PHEZU KWAZO)**

ISAZISO KUTHISHA: Njengoba ingekho imisindo esiNgisini, esiBhunwini nasesizulwini ethi ayifane neyesi-Arabhu, okufana no “A”, oku “Ali”, “H” ka “Raheem”, “Q” njengaku “Quran”, “GH” njengaku “Ghalib,” kanye namanye amaningi, KUBALULEKILE ukuthi uthisha aqaphelisise futhi agcizelelele lemibandela.

**Wa ‘Immin Ummaatin illa  
Khala Feeha Natheer**  
(Surah 35: iVesi 24)

***“Kanti akukaze kubekhona bantu, abangathunyelwanga uMeluleki phakathi kwabo.”***

U-Allah wathumela isithunywa kuzo zonke izizwe. Watshela izithunywa zakhe ukuba zazise bonke abantu Ngaye u-Allah uqobo nokuthi baphile ngendlela eyiyo nefanele. Kodwa kwakuthi izithunywa zingadlula emhlabeni abantu balahle indlela eyiyo. Abanye babo babaza izithombe ngamatshe bakhonza zona. Abanye baqala ukukhonza ilanga, inyanga, izinkanyezi kanye nezihlahla. Bacabanga ukuthi yilezinto ezabadalayo kanye nezinye izidalwa. Kodwa u-Allah unoMusa noBubele. U-Allah usithanda sonke. Ngakho-ke kwathi laphe efuna ukusindisa isintu ebuwuleni baso wakhetha kubona isithunywa indoda eqotho njengeSithunywa Sakhe. U-Allah watshela iSithunywa sakhe ukuba sifundise abantu bakhe iqiniso. Kufanele badumise u-Allah okunguye omkhulu. Kwakungekulele ukudumisa izithombe ezibaziweyo ezazingakwazi ukuzenzela noma yini. U-Allah ungumDali oMkhulu wazo zonke izinto.

Igama elisho isithunywa ngesi-Arabhu lithi RASOOL. Zonke iziThunywa ezathunyelwa ngaphambi kuka- Mprofethi uMuhammad zazithunyelwa ezizweni zabo kuphela. Ezinye izithunywa azizangezitshele ukuthi ukuba zinikeze imiyalezo esintwini sonke. Kodwa u Mprofethi Muhammad kwaba nguyena kuphela isithunywa esathunyelwa esintwini sonke.

Igama elithi NABI ngesi- Arabhu elimele ukuthi uMprofethi. Kanti elithi AMBIYA limele abaProfethi abangaphezu koyedwa U-Allah uthi ku Qur’an eNgcwele:

**Wa ma Arsalnaaka Illa kaaf-  
fatan Lin- naasi Basheerows (n)**  
**Wa Natheera**  
(Surah 34: Verse 28)



*“Asizange sikuthumele nje, O, Muhammad, kodwa njengomethuli wezindaba ezimnandi nomeluleki waso sonke isintu.”*

Igama elithi SONKE lichaza wonke umuntu osezweni omnyama nomhlophe. Kanti u- Allah wathumela I-Nabi u Muhammad I-Qur’an eNgcwele njengcwadi yokucina yemibiko yaso sonke isintu. U- Allah wenza uMprofethi u- Muhammad uMprofethi wokucina. U-Allah watshele abantu ukuthi bakholwe I-Qur’an eNgcwele bese belandela imfundiso ka-Mprofethi u-Muhammad.

#### **IMIBUZO:**

1. Kungani u- Allah wathumela iziThunywa?
2. Zabe zithunyelwe bani iziThunywa?
3. Ubani owabe enguMprofethi wokucina ka- Allah?
4. Lichaza ukuthini igama elithi – RASOOL?
5. UMprofethi Muhammad wabe ethunyelwe kubani?
6. Kusho ukuthini ukuthi Nabi?
7. Buthini ubuningi buka- Nabi?

ISAZISO KUTHISHA : Sebenzisa lonke ulwazi onalo ukugcizelela *“Khatimun – Nabee’een – Ukucina kobuProfethi.”*

## **ISIFUNDO SESITHATHU I-QUR’AN ENGCWELE KANYE NEZINYE IZINCWADI EZAMBULIWE**

**Inna- hu La- Qur’an – nun Kareemun**

**Fee Kitaa –bim Mak-noon**

(Surah 56: Verse 77-78)

*“Ngokweqiniso le iQur’an etusekayo, kuzo zonke izincwadi eziqashelisiweyo.”*

U-Allah wambulela ezinye zezithunywa Zakhe izincwadi. Ezibalulekile kunazo zonke: *“I TAURAT, ZABOOR, ne- INJEEL.”*

Njenga-Ma-Muslim sifanele ukuba sihloniphe izithunywa zika –Allah futhi sizithakazele emveni kokubiza amagama azo sithi *“ALAY HIS- SALAAM”* Okungukuthi uMprofethi Eesa, *“ALAY HIS- SALAAM”*.

1. ITAURAT yavezelwa uMprofethi uMose (uMprofethi uMu'sa ngesi-Arabhu). Ku Qur'an Surah 5: Verse 47, u-Allah uthi:

**Inna Anzal – nat - tauwraata**

**Feeha Hudow (n) wa noor**

*“Ngokunjalo siyivezile I-Taurat yona iyaqondisa iyakhanyisa”*

2. I- ZABOOR yavezelwa uMprofethi uDavid (uMprofethi Dawood ngesi-Arabhu) Ku Surah 4: Verse 163) U-Allah uthi.

**Wa- Aataina Dawooda Zabura**

*“Sabesivezela uDawood iZaboor.”*

3. I-INJEEL yavezelwa uMprofethi u Jesu (Okungukuthi uMprofethi u Eesa ngesi Arabhu) Ku Surah 5: Verse 49 u-Allah uthi:

**Wa – Qaf- fayna A' la A' thaari**

**him Bi-ies – sabni – Maryama,**

**Musaddiqal- lima baina yadayhi**

**Minat- taurat Wa- A' atayna –hul**

**Injeel Feehi Hudow (n) wa noor**

*“Emva kwabo sathumela uJesu, indodana ka Maria, ukuqinisekisa umthetho owawubekwe phambi kwakhe sabesimnikeza I-INJEEL enokunakekela nenkanyiselo”.*

Kwase kuthi u-Allah waphetha ngoMprofethi u-Muhammad wamembulela iQur'an eNgcwele. U-Allah uthi encwadini yeQur'an eNgcwele:

(Surah 15: Verse 87):

**Walaq –qad A'atay –naaka**

**Saba' am- minal Mathaanee Wal**

**Qur'aanal A'theem**

*“Sabe sesibeka phezu kwakho amavesi ayisikhombisa aphindaphindiwe kanye ne Qur'an eNgcwele.”*

“Amavesi aphindwe kasikhombisa “I-Surah Fatiha noma isaHluko sokuNgenisa, bona ikhasi 28. Ngakho-ke iQur'an iyincwadi yokugcina eyavezwa ngu-Allah kanti noma ngubani oyokuthi kunencwadi eyambuliwe emva kweQur'an uyobe enganalo iqiniso.

I-Ayat yokuqala okungukuthi (ivesi ngesi-Arabhu) eyambulelwe uMprofethi wethu U Mahammad esemgedeni wase Hira kwaba:

I-Sura 96: vesi 1-5:

**Iq –r'a Bismi rab – bikal lathee Khalaq**

**Khalaqal – Insaana min Alaq. Iq-r' Wa-**

**rab- bukal Akram. Al – lathee A’ allama Bil-  
qalam. A” Ilamal – insaana Maa Iam  
Ya’lam**

“Funda egameni likaMvelingqangi owadala umuntu ngamahluli egazi. Funda ngokuba uNkulunkulu unobubele obedlulele. Okunguye ofundise ngokusetshenziswa kwepeni wafundisa umuntu lokho abengakwazi.”

Bakhona abanye abaProfethi kodwa u-Allah akabavezelanga izincwadi. Labo ngo Adam, Nuh, Ismail, Is-haaq, Yaqub, Yunus, Harun kanye nabanye abaningi.

**IMIBUZO :**

1. U-Allah wayivezela bani I-Taurat?
2. U-Allah wayivezela bani I-injeel?
3. U-Allah wayivezela bani I- Zabur?
4. Iyiphi incwadi yokugcina eyavezwa ngu- Allah?
5. Ingabuye iphinde ibekhona enye incwadi evezwayo ngemva kwe Qur’an?
6. Isiphi isigaba seQur’an evezwa kuqala?
7. Kungabe u-Allah waveza incwadi kunoma isiphi isithunyuwa?
8. Iyini I-Ayat?
9. U-Allah wayivezela bani I-Qur’an eNgcwele
10. Kumele sizihloniphe kanjani iZithunyuwa zika-Allah?

ISAZISO KOTHISHA: Gcizelela umbandela wokuthi iQur’an iyona yodwa incwadi Eyavezwayo, okungathi iminyaka engu -1400 engakaze iguqulwe. Kanti akususwanga noma kwengezwa nelilodwa igama ikhefu, noma ungqi kuyona. Ngaphezu kwalokho ngenxa yokuthi ama-Muslim ayisho ngolwimi eyambulwa ngalo loqobo, ihlala ilulwimi oluphilayo ezigidini zabantu emazweni amaningi omhlaba.

## **ISIFUNDO SESINE NGIYI- MUSLIM**

Bafowethu noDadewethu abancane, Uma umuntu ekubuza ukuthi inkolo yakho iyiphi, uzophendula uthini? Kufanele uphendule uthi yi-ISLAM inkolo yami. Uma ekubuza ukuthi iyini I-ISLAM, uzothi i-ISLAM, ukuzinikela emthethweni ka-Allah. (Bonke labo abalandela inkolo ye-ISLAM, babizwa ngokuthi ama-MUSLIM)

Uma umuntu ekubuza ukuthi kungani uyi-Muslim, kufanele uthi: NgiyiMuslim ngoba u-Allah, onguNkulunkulu wami nawe ungiyalile kanye nabanye abantu ukuthi ngilandele imfundiso ye-Islam, okuyinkolo yokugcina evezwe Nguye U-

Allah uthi: Kwi (Surah 3: Vesi 19):

**In- nad deena ‘ indal – lahil – Islam**  
*“Ngokweqiniso inkolo ka –Allah yi-ISLAM”*

Ebese Ethu: Kwi (Sura 3: Vesi 85)  
**Wa- may (n) yab taghi**  
**ghairal Islami Deenan Falay (n)**  
**Yuq – bala Min Hu wa- Huwa Fil-**  
**aa-khirati Minal – Khaasireen**

*“Kanti lowo othatha enye inkolo engasiyo i-Islam ayisoze yamukelwa kuye kodwa emva kokwahlulelwa uyoba ngolahliweyo”.*

Ngakho-ke inkolo ye-Islam ingeyami. Ngiyayithanda futhi ngilandela yonke imfundiso yayo ebese ngigcina zonke izibopho zobu-Muslim. I-Qur’an eNgcwele ingumqondisi wami wokuphila. Ngiyayifunda futhi ngiphile ngokwemithetho yayo. Ngisebenzela ukuyisabalalisa kubo **bonke** abantu, futhi uMprofethi Mohammad unguMprofethi wami. Ngikholelwa emibhalweni yakhe kanye nendlela yakhe yokuphila ngiyayilandela. U-Allah, uNkulunkulu wami ungidalile. Udale umama nobaba wami, abafowethu nodade wethu. Akekho omunye omele ukudunyiswa ngaphandle Kwakhe kuphela. Akanazi hlobo,ubaba noma indodana. UbuKhosi Obakhe kanti sobuyela Kuye. Ngizophila njenge-Muslim kanti uma u-Allah evuma ngizofa Ngiyi-Muslim, ngoba u- Allah uthi kwi: (Surah 3: Vesi 102)

**Ya Ayyu – hul – laathena A’ama nut- taqul-**  
**laha haqqatu – qathi Wala tamu- tun –na**  
**Illa Wa- antum – Muslimoon**

*“O, nina enikholwayo! Yesabani u-Allah njengoba kumele esatshwe, ningafi ningewona ama-Muslim.”*

Ngiyabonga ukuthi u-Allah ungiphakamisile ngokuthi ngibe I-Muslim ukuze kuthi Lapho sengikhulile ngimema bonke abantu ukuba balandele inkolo yami. Ngigculisekile ngo-Allah njengoNkulunkulu wami nangenkolo ye-Islam nango Mprofethi wami u- Mohammad. Ngiyaziqhenya ngenkolo yami yobu-Muslim. Iyohlala njalo iyisithandwa kimina.

#### **IMIBUZO:**

1. Iyini I-ISLAM?
2. Ubani oyi- Muslim?
3. Kungani uyi- Muslim?
4. Iyiphi incwadi ka –Allah oyilandelayo?
5. Ngubani uMprofethi wakho?
6. Kungabe u-Allah unabo abangani,ubaba,noma indodana?



7. Uyokubabiza abanye ukuthi beze enkolweni jobu- Muslim uma usukhulile
8. Kufanele sidumise bani?
9. Singamdumisa omunye umuntu?
10. Iyini I-Taqwah?

ISAZISO KOTHISHA: Kubalulekile ukuthi ninike abantwana incazelo yeqiniso Yegama elithi “*UKWESABA*” – Taqwa- (okungukuthi uyamazisa u-Allah), njengoba lisetshenziswe kwi eQur’an eNgcwele. (Ukuthola imininingwane egcwele bheka encwadini ehunyushiwe ka Allamah Yusuf Ali namba 427.

## **ISIFUNDO SESIHLANU**

### **INKOLO YE-MUSLIM**

ISAZISO KOTHISHA: Lesisifundo sidinga ukuba sigcizelelwe kakhulu. Siyingqikithi yenkolo yethu (Deen). Ukubukezwa okuphindiweyo kuyadingeka. Imininingwane Egcwele itholakala kuphela eSigabeni seSibili sencwadi esihloko sayo sithi “*NGIYI-MUSLIM*”

Njengama-MUSLIM kufanele siyazi inkolo yethu (Deen). Inkolo yethu ebusisekile ye-Islam isitshengisa ukuthi singahlala kanjani ngoxolo noMdali wethu kanye nabantu abaseduze kwethu. Inkolo ye-Islam ayilona uhlelo lwamasiko. Iyindlela yempilo ebhekela izwe lamanje nelaphakade. Yonke indlela yempilo ibhekelwe inkolo ye-Islam iyimithetho ephelele esiyinikiwe ngu-Allah. Kodwa ukuze silwazi Ukholo lwethu (Deen) kufanele sazi u-Allah.

U-Allah uthi kwi Qur’an eNgcwele:

**Fa- a- Lam Annahu,  
La ilaha – illal – Lahu**

*“Ngakho-ke yazini ukuthi akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kuka-Allah”*

(Surah 47: iVesi 19)

Kufanele kuqala SIKHOLWE ku-Allah, okusho ukuthi u-Allah usidalile kanye nako konke Okukhona (Sifundisiwe ekuqaleni ukuthi yonke into idinga uMdali noma uMenzi). Ngaphezu kwakho konke u-Allah WAHLUKILE.

Umbiko owabe usemqoka wabobonke abaProfethi kwabe kungukuthi : U-Allah munye akanababa, mama, indodakazi kumbe indodana. Zonke izidalwa ziyaMdinga kodwa

yena akadingi muntu. U-Allah akanaye umlingani kathi akukho lutho noma muntu ongafaniswa naye. WAHLUKILE U-Allah uthi kuQur'an eNgcwele:

**Qul! Huwal – lahu Ahad  
Alla –hus samad, Lam  
Yalid Walam Yoo- lad  
Walam Ya- kul – lahu  
Kufu –wan A' had**

*“Ithi! ungu-Allah, okunguye qhwaba. U-Allah umi ngunaphakade, uphelele, akazali kanti futhi akazalwanga. Akekho ofana naye.”*

Ngakho-ke umsebenzi wokuqala we-Muslim ukuvuma ngenhliziyo yonke ukuthi, umqondo, kanye nolwimi lwakhe. I-KALIMATUT- TAUHEED (Okuyisifungo Sobunye noKWAHLUKA kuka-Allah) okwaziwa kafushane njenge KALIMAH (okuyisifungo) Okungukuthi:

**La-ilaha-illal-Lah**

*“Akekho omunye uNkulunkulu kepha u-Allah”.*

Njengoba sesamukele I-Tauheed, okungubunye buka-Allah kufanele sifakazise ngeqiniso lesithunywa sika-Allah, U Nabi Mohammad. Yingakho sifanelele ukuthi sithi:

**La-ila-Ha, illal Lah,  
Muhammadur-Rasoo-Lul-Lah**

*“Akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kuka-Allah uMuhammad uyiSithunywa sika-Allah.”*

Ebese sethula ubufakazi obaziwa ngokuthi IKALIMA TUSH-SHA-HA-DAH

**Ash-hadu Al-laaha-illal-  
Lahu,Wa-ash-hadu Anna  
Muhammadur-Rasoo-Lul-Lah**

*“Ngethula ubufakazi bokuthi akekho omunye unkulunkulu ngaphandle kukaAllah, futhi ngethula ubufakazi bokuthi uMuhammad uyisithunywa sikaAllah.*

(Qaphela ukuthi amaMuslim asemhlabeni awamthathi uMuhammed njengo nkulunkulu kodwa amthatha njengesithunywa sika Allah).

Isisekelo SENKOLO ye-Muslim I-EEMAN yalo okungukuthi UKHOLO, lolukholo lwakhe olungaphazamisekiyo eBunyeni nase kwahlukeni kuka Allah nakuzo zonke izimpawu ezinamandla zika-Allah.

Isibonelo, ngukuthi lapho I-Muslim lizwa noma libona isenzo esibi liyohlala njalo likhuza lithi:

**La-Hola-wala**  
**Qoow-wataila-billah**

*“Ayikho iNtando noma aMandla ngaphandle (kweNtando naMandla)  
Ka-Allah.”*

Lokhu kuyisiqiniseko esengeziweyo sokholo lwe-Muslim emandleni nasekwahlukeni koMdali walo. Ngakho-ke I-Muslim alisabi amanye amandla. I-Muslim lihlale njalo litshengisa ukuzithoba ngaso sonke isikhathi ku-Allah empilweni yalo yonke. Ngaso sonke isikhathi lapho lifuna ukwenza noma yini angeke Lithi *“Ngifisa kanjalo”* noma *“Ngizokwenza lokho”* kodwa lizothi:

*“Insha- Allah”*

*“Uma u-Allah evumile”.*

Lapho I-muslim libona into enhle lithi:

*“Masha-Allah”*

Lapho uAllah ubethanda ukuthi kubenjalo.

Uzofundiswa esifundweni esizayo nge-Salaah igama elithi “SUJOED”, okusho ukukhothamela u-Allah.

I-Muslim akufanele neze likhothamele noma ubani noma ngabe umuntu usesikhundleni esiphezulu. U-Allah kuphela ofanelwe ukukhothanyelwa *“Sujoed”*. Ukukhothamela noma ubani ngaphandle kuka-Allah kuyisono esingenakuxoleleka emahlweni ka-Allah. Kubizwa ngokuthi I“*SHIRK*” ukubandakanya u- Allah nabanye. Ngakho-ke gcina ukholo (Eeman) lwakho luqinile ku-Allah. Cela usizo lwakhe kuphela. Khuleka kuye kuphela ngoba wonke umuntu. Nako konke okukhona kuyaMdinga. U-Allah kuphela ongasiza. Akekho omunye.

**IMIBUZO:**

1. Yimuphi umbiko osemqoka wabo bonke abaProfethi?
2. Lichaza ukuthini igama elithi EEMAN?
3. Kuchaza ukuthini ukuthi TAUHEED?
4. Uyalazi I-Kalimatush-sha-hadah?
5. Kufanele sisho nini ukuthi - Insha-Allah?
6. Sithini nxashane sizwa noma sibona into noma isenzo esibi?
7. Sisho nini ukuthi “Masha-Allah”?

# ISIFUNDO SESITHUPHA NABI MUHAMMAD WETHU

*Sal-lal-lahu Alay-hi Wasal-lam: (Ukuthula makube kuye)*

Noma nini lapho sizwa kubizwa igama loMprofethi wethu oNgcwele kufanele sezijwayeze umkhuba wokuthi sithi “*Sala-al lahu Alay- hi Wasal- lam*”. Lesisibingelelo saziwa ngokuthi I-“*Sala –waat*” U(Surah 48 Vesi 29) uthi:-

**Muhammadur-Rasoolul-Lahi  
Wal-latheena-ma’a-hu Ashid-  
daa’u, Alal-kuffari Ru-ha-ma-u’  
bay-nahum**

(Surah 48: Verse 29):

*“UMuhammad uyisiThunywa sika-Allah kanti labo abakanye naye baqinile kulabo abangakholwayo kodwa bona bayazwelana”.*

Umprofethi wethu uMahammad uphuma esiZweni esaziwa ngokuthi ama-Quraishi okuyisizwe esiqotho kunazo zonke izizwe zama-Arabhu. Wazalelwa eMakka ngenyanga yama-Muslim eyaziwa ngokuthi yi Rabi-al-Awwal, ngonyaka ka 570 wesikhathi samaKrestu. Lesi kwabe kuyisikhathi lapho u-Abraha, iNkosi yase Yemen, yazama ukucekela phansi I-Ka’bah ngempi eyabe inamandla kakhulu kanye nendlovu yakhe. Lonyaka waziwa njengo-nyaka wendlovu noma A-aamil Feel. Uyise kaMprofethi wethu wayaziwa ngelika-Abdullah. Waphangalala izinyanga ezimbalwa ngaphambi kokuba uMprofethi wethi azalwe, kanti unina u-Amina waphangalala lapho eseneminyaka eyisithupha. Wabe esekhuliswa umkhulu wakhe u Umuttalib imiyaka emibili. Kwathi lapho naye edlula emhlabeni, uMprofethi wethu wabe eseneminyaka eyisishiyagalombili wabe sekhuliswa umalume wakhe u-Abu Talib Kwathi angafinyelele eminyakeni ewu-25 wasebenzela umfelokazi owaziwa ngelika-Khadija, indodakazi ka Khuwaylid njengesithunywa sakhe lapho ayemthumela Ngokomsebenzi webhizinisi e-Syria Uhambo lwakhe lwabanempumelelo. Kwathi angabuyela eMakka u-Khadija wabe esecela umshado, wavuma.

Kwathi eseniminyaka engamashumi amane u-Allah wamqoka u-Mohammad ukuba abe yisithunywa sakhe esintwini sonke. U-Allah wathumela kuye ingelosi egama layo Ngu-Jib-reel ukuba itshele u-Muhammad ukuthi akabize sonke isintu ukuthi sikhonze u-Alla Kuphela. UNabi wethu wayethandwa yiyo bonke abantu ngoba wabe elinono futhi enokulunga kuwo wonke umuntu. Wayeqotho futhi ethenjwa yiwo wonke umuntu waye abuye abizwe ngokuthi u-Al-ameen, okusho ukuthi othembekileyo. Wabe engumuntu othulayo futhi eziphatha ngenhlonipho, kodwa engasabi muntu ngaphandle kuka-Allah.



Wabe enamahloni kepha ehlala emoyizela njalo. Wayesiza abampofu futhi ehlonipha Abantu abadala ngaphezu kwakhe. Wabe enakekela izintandane ezihluphekayo nabafelokazi abayizinkedama. Akazange nakanye aphimise amagama amabi ngomlomo Wakhe futhi wayethandaza ku-Allah ukuba abusise isintu sonke. U-Nabi wethu u-Muhammad waphangalala e-Madinah eseneminyaka engama- 63.

#### **IMIBUZO:**

1. UNabi wethu wabe eqhamuka kuphi?
2. Kwabe kungobani abazali bakhe?
3. Ubani owamnakela lapho abazali bakhe sebedlulile emhlabeni?
4. Kwabe kungubani –uKhadija?
5. Kukhona ongakusho mayelana no-Nabi wethu?
6. Kuchaza ukuthini ukuthi –Al-Amen?
7. Kwabe kuyini umsebenzi weNgelosi u- Jib’ reel?
8. Wabe eseneminyaka emingaki uMprofethi ngenkathi unina ephangalala?
9. Ungalisho igama lesi-Arabhu lonyaka okwazalwa ngawo u-Nabi wethu?
10. Unyaka ka 570 wesikhathi sama-Krestu wabe udume ngani?
11. Wabe eneminyaka emingaki u-Nabi wethu ngenkathi ethola ukukhanyiselwa ngu- Allah?
12. Kusho ukuthini ukuthi “*Salawaat*”?

## **ISIFUNDO SESIKHOMBISA IMIGOMO YE-ISLAM**

Umuntu othize wabuza u-Nabi wethu wathi iyini I-Islam uNabi wethu wabe esephendula ethi:

**Al-islam**u An-tash-hada Al-  
La-ilaaha-illal-lahu Wa-anna-  
Muhamma-dar-rasoolul-lahi Wa  
Tuqi-mas-salaata Wa-tu’tiz-  
Zakaata wata-sooma-Rama-  
Daana Wata-huj-jal Bayta inis-ta-  
Ta’ata ilay-hi sabeela

I-Islam yile:

1. kufanele ufakazise ngokuthi akekho omunye uNkulunkulu kepha Ngu-Al-lah kuphela nokuthi uMuhammad uyi-Sithunywa sika-Allah.
2. Kufanele njalo ugcine I-Salaah (umthandazo)
3. Ukuthi kufanele unikeze I-Zakaat (Okuwumnikelo wabampofu).

4. Kufanele uzile (Saum) ngenyanga ka-Ramadaan.
5. Nokuthi kufanele wenze u-Haj (uye e-Makka emthandazweni lapho wonke ama-Muslim ethandaza ngokuhlanganyela.) nxa uphumelela ukwenza njalo.

Kulomyalezo (Hadeeth) u-Nabi wethu usitshela ukuthi i-Salaah (umthandazo) ungenye yemigomo ebalulekile ye-Islam, nokuthi umuntu akasoze aba i-Muslim eliqinileyo ngaphandle kokuba ethandaza imithandazo eyisihlanu efunwa ngu-Allah. U-Allah uthi : kwi Surah 4 iVesi 103:

**In- nas Salaat kaa- nat Alal**

**Mu’ mineena Kitaabam–mow-qoota’**

*“Ngeqiniso imithandazo eyalabo abathembekileyo okuwumsebenzi obekiweyo ngezikhathi ezinqunyiweyo”*

U-Allah ubuye athi: Ku-Surah 2 iVesi lesi-238

**Haafi–thoo Alas– salawaati**

*“Gcinani ngobuqotho imikhuleko”.*

Ngakho-ke I-Salaah iyi(Fard) iphoqelekile kuwowonke umuntu oyi-Muslim osethombile noma ngabe owesilisa noma owesifazane. U-Allah wenze kwaba imithandazo emihlanu ngelanga nasebusuku wabe esetshela wonke ama- Muslim ukuthi baqaphelisise isikhathi semithandazo noma ngabe ikuphi lapho likhona.

I-Saalah indlela enkulu ye-IBADA (I-IBADA kusho ukudumisa nokukhonza u-Allah) zonke izenzo ezinhle esizenzayo ziyi-IBADA. Bafowethu noDadewethu, kumele nigcine izikhathi zomthandazo nikhuthaze nabanye bazigcine futhi, ukuze nibenempumelelo.

#### **IMIBUZO:**

1. Ithini Imigomo ye-Islam?
2. Wathini u-Allah nge Salaah?
3. Kufanele sikhuleke kangaki?
4. Kungabe uyakhuleka nabazali bakho?
5. Kusho ukuthini ukuthi“Hadeeth”?
6. Uthini umgomo wokuqala we-Islam?
7. Kusho ukuthini ukuthi Fard?
8. Iyini I-“Ibada”?

**ISAZISO KOTHISHA NABAZALI:** Niyacelwa ukuba nichaze ngegama elithi **ukuThomba** ngendlela ezozwakala kalula (Gcizelelani ukuthi u-Nabi wethu wathi abantwana kufanele baqale ukwenza imikhuleko lapho sebeneminyaka eyisikhombisa kanti kufanele baphoqwe lapho sebene minyaka elishumi).

# ISIFUNDO SESISHIYAGALOMBILI

## I- WUDU (UKUHLAMBA)

U-Allah usiphoqile ukuba senze umkhuleko wabe usethi kumele sizihlanze ngaphambi kokuba senze umthandazo kusho u-Allah kwi surah 5 Vesi 7:

**Yaa- Ay- yu-hal La 'theena A'a  
manu ithaa Qum-um ilas- sa-lati  
Fagh -silu Wuju -hakum Wa-aidi-  
yakum ilal- mara- fiqi wam- sa- hu  
Bi- ru'oo -si-kum wa-ar jula- kum  
Hal- ka' bayni.**

*"O, nina abakholwayo lapho senizo khuleka gezani ubuso benu nezandla kuze kufike endololwaneni nezinyawo kumbandakanya namaqakala."*

Cabanga nje ukuthi uthisha wakho angadinwa kanjani lapho ufika esikoleni ungcilile. Ngakho-ke ungathandaza kanjani ku-Allah ungcilile? Futhi kufanele ube nezimpahla uzihlanzekileyo. Kanti ngeke uhlanzeke uma ungasebenzisi amanzi emveni kokuya "endlini yangasese".

Ngakho-ke kubalulekile ukuthi wonke umuntu osenze isinqumo sokuthi athandaze enze i-Wudu (okungukuzihlanza) ngendlela etshengisiweyo ku-Ayat okuli (Vesi).

1. Hlamba ubuso bonke.
2. Hlamba izandla kuze kufike endololwaneni
3. Sula ngesandla esimanzi esiphongweni nenxenye yekhanda.
4. Hlamba izinyawo kuze kufike emaqakaleni.

Ukuhlamba kusuke kungaphelele uma umuntu engazihlambile zonke lezindawo zozine. Kanti futhi ukuhlamba kumele kwenziwe ngamanzi ahlanzekile kubangcono lapho umuntu ehlamba kathathu. Lezigaba ezine zaziwa ngokuthi I-Fard ye-Wudu, okusho into ephoqelekile noma okufanelekileyo. (Khumbula ukusebenzisa amanzi nensipho ukugeza izandla zakho. emveni kokuya endlini encane. Kanti kuba ngcono lapho uhlamba,ubuso, izingalo, nezinyawo ngensipho namanzi naphambi kokwenza I-WUDU. Kanti futhi khumbula ukusula ubuso nezingalo zakho nge-thawula elihlanzekile, UNGASULI izinyawo ngalelothawula. okade usula ngalo ubuso. (Ungasuli ubuso bakho ngethawula elisetshenziswe ngabanye ukusula izinyawo zabo). Kumele usebenzise amanzi ngokuwonga ngoba kuyisono ukusebenzisa amanzi budedengu. I-Wudu iyisenzo sokuhlazeka.Isifundisa ukuthi singahlala kanjani sihlazekile. I-Islam igxilile ekuhlazekeni. Ayikho enye inkolo eqinisekisa ukuhlazeka njengayo. Kungabe awuziqhayisi ngokuba-I-Muslim?.

## IMIBUZO:

1. Kufanele siyenze nini iWudu?
2. Kungani kufanele senze I-Wudu?
3. Iziphi izitho zomzimba u-Allah asitshela ukuthi sizi hlanze?
4. Ungayifunda I-Ayat nxa wenza I-Wudu?
5. Amanzi anjani okumele siwasebenzise ku-Wudu?
6. Iyini I-Fard yeWudu?

ISAZISO KOTHISHA NABAZALI: Ngoku ka-Imaan Sha' fai wenza I-Niyyat (okuyinto eyisifiso) ye-Sunnat ye-Wudu ngenkathi uhlamba izandla, kanti ube usuwenza i-NIYYAT (IZIFISO) zeFard ye-udu lapho ubuso buhlanjwa okokuqala.

ISAZISO ESIBALULEKILE KAKHULU KOTHISHA : kungumsebenzi omkhulu Kathisha nomzali ukuthi bagxilise umoya wangeqiniso we-Islam emqondweni womfundi umntwana akumele agxishwe umoya wenkolo ye-Khilaaf ekuqondeni Kwakhe I-Mathahib. Kufanele kuchazwe ukuthi akusoze kwaba khona mahluko emigomweni ye-Islam. I-Mathahib (ochwepheshe be-Islam) abadumile kubo kungo, Hanafi, Shaf'ai, iMaliki noma iHambali, bangehluka ekuchazeni kwabo izenzo ezahlukene kodwa yonke incazelo yabo igxile ku A'hadeeth ethembekile nemibandela ehluziwe. Njengokuphoqa kweShari'a kufanele silandele i-Imaam endleleni eyenzangayo I-Salaah lapho sikhuleka ndawonye noma ngabe thina ngokwethu senza ngenye indlela uma sikhuleka ndawonye. Noma iliphi i-Muslim elilandela imigomo yochwepheshe njengoba yaziswa ilabo abalandela u-Mprofethi u-Mahammad (Abaziwa ngokuthi Sunni Wal Jama'h) akaphuli imigomo ye-Islam, nokuthi izenzo azenzayo zihambisana kahle nenkolo ye-Islam.

## ISIFUNDO SESISHIYAGALOLUNYE YENZIWA KANJANI I-WUDU

**Khumbula ukuthi lapho siqala noma yini kufanele sicele iziBusiso zika-Allah. Ngakho-ke sithi:**

**Bismilla-hir-Rahmaa- Nir- Raheem**

*"Nginyaqala egameni lika-Allah, oNobubele, neSihawu".*

Ngaphambi kokuba wenze noma yini kufanele ucabange ngalokho ozokwenza. Uqale wenze isifiso sakho esaziwa ngokuthi iNiyyat. Ngaphambi kokuthi wenze I-Wudu. Bese uyaqala:



1. Hlamba izandla zozimbili kuze kufike ezihlakaleni kathathu
2. Hahaza umphimbo wakho izikhathi ezintathu,ube uthimisela amanzi zonke iziwombe 3 Hlamba amakhala ufinye zonke iziwombe.
4. Hlamba ubuso iziwombe ezintathu.
5. Hlamba ingalo yasesandleni sokudla kuze kufike endololwaneni. iziwombe ezintathu
6. Manzisa isandla sakho ebese usula lonke ikhanda.
7. Yesula izindlebe zakho ngaphakathi nangaphandle izikhathiezintathu
8. Hlamba izinyawo zakho kanye namaqakala.Khuhla ingqakala.

Emveni kokwenza I-Wudu uthi:


**Ash- hadu Al-laa ilaaha –illal-  
Lahu wa-sh –hadu An-na Muham-  
ma – dan Abduhu Wa Rasooluhu**

*“Ngethula ubufakazi ukuthi akekho omunye ngaphandle kuka-Allah nokuthi u-  
Muhammad uyisithunywa nesisebenzi sika-Allah.*

**Alla –hum- maj- alni Minat-  
taw-wa- beena Waj-alni Mi-nal  
Muta tah- hireen**

“O-Allah! Ngenze ngibe ngomunye walabo abaphendukayo nalabo abazihlanzayo.”

ISAZISO KOTHISHA NABAZALI: Kubalulekile ukuba batshengise umntwana Ukwenza iwudu ngokuthi umtshengise ngokwenza. Ibe usuletha umfundi ngamunye ukutshengisa ukuthi I-Wudu yenziwa kanjani.



**ISENZO SOKUQALA 1**  
U-Aqee useqalile. Manje bheka ukuthi izandla zakhe uzikhuhla kanjani phakathi kweminwe. Uzobe esehlamba kuze kufike ezihlakaleni.

**ISENZO SESIBILI 2**  
Manje u-Aqeel usezoxubha umlomo -uxubha kathathu

**ISENZO SESITHATHU 3**  
Manje u-Aqeel esehlamba amakhala kathathu.

#### **ISENZO SESINE 4**



Bhekani manje ukuthi u-Aqeel ubuhlamba kanjani ubuso bakhe kathathu ubuso bumbandakanye isiphongo lapho izinwele ziqala ukumila khona. Kuze kube ngaphansi kwesilevu futhi kusuka endlebeni.

#### **ISENZO SESIHLANU 5**



U-Aqeel usehlamba izingalo kuze kufike endololwaneni kathathu.

#### **ISENZO SESITHSUPHA 6**



Bhekani ukuthi u-Aqeel ulesula kanjani ikhanda lakhe.

#### **ISENZO SESIKHOMBISA 7**



U-Aqeel usesula izindlebe zakhe ngaphakathi nangaphandle.



#### **ISENZO SESISHOYAGALOMBILI 8**

U-Aqeel usehlamba izinyawo zakhe kuze kufike emaqakaleni kathathu.(Qaphela ukuthi ukhuhle phakathi kwezinzwane).

## **ISENZO SESISHIYAGALOLUNYE 9**

Bheka isifundo sesishiyagalolunye (9) ukwenzela I-Dua okuwumthandazo emveni kwe-Wudu.

### **ISIFUNDO SESHUMI I-SUNNAT YE- WUDU**

ISAZISO KOTHISHA NABAZALI. Niyacelwa ukuba nichaze igama elithi Sunnat eliyigama elisho “izenzo zikamprofethi” eziyizenzo ezingaphoqelelwe kodwa ezinomvuzo. Ukukahaza umphimbo, ukufinya, ukwesula amadlebe nokusho umkhuleko uma uqeda ukwenza Iwudu, kungezinye zezenzo eziyiSunnat ngamanye amazwi ungakwenza noma ungakwenzi. Uma uzenza u-Allah uyokunika umvuzo kanti uma ungazenzi ngeke uhlawuliswe. Kanti futhi iwudu yakho yobe iphelele. Uma uqala ukwenza I-Wudu kuba ngcono ukuthi ungakhulumisi muntu nokuthi Zifundise ukuthi ungamoshi amanzi. Qaphela ukuthi uhlamba ubuso kuqala bese kulandela ikhanda kugcine izinyawo. KuyiSunnat ukuxubha amazinyo akho emveni kokuvuka ebuthongweni, ngaphambi kokwenza I-WUDU.

Iphunga legalikhi, anyanisi nomjuluko alilihle. Kumele sizame ukulisusa ngaphambi kokwenza imithandazo. Iphunga eligqamile le-ATTAR namakha kuyaphazamisa.

#### **IMIBUZO:**

1. Isho amagama e-Sunnat ye-Wudu.
2. Isho ukuthini i-Sunnat ye-Wudu?
3. Kudingeka usebenzise amanzi angakanani lapho wenza I-Wudu?
4. Kungaba amahlelo amangaki ongawasebenzisa ukuhlamba umzimba wakho
5. Ungachaza ukuthi ungayenza kanjani I-Wudu?
6. Kufanele sithini ngaphambi kokwenza noma yini?
7. Lithini igama lesi-Arab elisho inhloso?
8. Iziphi izinto ezinephunga eligqamile?
9. Kufanele usetshenziswe kanjani usende?

# ISIFUNDO SESHUMI NOMUVO

## YEPHUKA NINI IWUDU

I-Wudu yephuka emveni kokuba wenze lezizinto:

1. Lapho kade uye endlini encane
2. Uma ukhipha umoya
3. Lapho kuphuma igazi noma ubomvu kunoma yisiphi isitho somzimba.
4. Uma kade ulele ubuthongo noma kade uqulekile.

Uma lezizinto zike zenzeka kuwe I-Wudu yakho yephukile. Ngakho-ke uma ufuna ukuthandaza kumele uqale phansi wenze I-Wudu.

### IMIBUZO:

**Iziphi izinto eziphula iWudu?**

Kufanele wenze njani lapho iWudu yakho iseyephuliwe?

ISAZISO KOTHISHA NABAZALI: Iwudu ye-Sha'fai, ayephuki uma kuphuma igazi kodwa yephuka uma isikhumba somuntu wesifazane “**ongaziwayo**” ethintwa owesisililsa lokhu kwephula ne-Wudu yowesifazane.

**I-Wudu yeSha'f'ai iyephuka lapho isandla sakhe sithinta noma isiphi isitho somzimba sangesese ngisho nesakhe imbala.**

**I-Wudu ye- Hanafi iyephuka lapho uma kuthi ethandaza ahleke kakhulu.**

(\*Abesifazane abathintwa kungaphuki i-Wudu: Bheka I-Qur'an yakho engcwele Surah 4, Vesi 23)

### TAYA- MUM

I-Taya Mum kuyinhlobo yokuhlamba okwenziwa lapho amanzi ahlanzekile engatholakali noma kulukhuni ukuwathola noma ukusetshenziswa kwawo kungase kube nobungozi. lokhu kubambela I-Wudu ne Ghu'sl. Yenza isifiso sakho (Niyya) kuqala, isilinganiso “*ngenza Itaya-mum ukususa ukungcola*”. Ibe usushaya isandla sakho emhlabathini ohlanzekileyo. Sula ubuso **kanye kuphela**. Phinda futhi uthintise isandla emhlabathini ohlanzekile ngesandla sakho sokunxele sula ingalo yakho kuze kufike endololwane, bese kuthi ngesandla sakho sokudla usule ingalo yangakwesokunxele. (**Konke lokhu kwenziwa kanye nje kuphela**). Lapho wenza I-Taya-mum susa izindandatho ezandleni, amabhengele namawashi ezingalweni.

ISAZISO: Imininingwane egcwele izovezwa engxenyeni yesibili yesihloko sencwadi Etha “*Ngiyi-Muslim.*”



# **ISIFUNDO SESHUMI NAMBILI (I-GHUS'L)**

I-Muslim kumele ligeze umzimba ngasosonke isikhathi.

Ufundile ekuqaleni ukuthi awusoze uthandaze ngaphandle kokuzihlanza bese wenza I-Wudu. Igama lesi-Arabhu elisho ukuzihlanza lithi GHUS'L kukhona izikhathi lapho okufanele wenze khona I-Ghus'l. Lezikhathi zizochazwa ezifundweni ezizayo. Indlela yokuzihlanza ye-Muslim ngokuthi uzithele ngamanzi ahlanzekile umzimba wonke. Akufanele kube nesitho esishiywa singahlanziwe. Kuba ngcono ukusebenzisa Insipho namanzi ukuzikhuhla wonke umzimba ngaphambi kokuba wenze Ighus'l. Lezikhathi zizochazwa ezifundweni ezizayo.

Indlela yokuhlamba ye-Muslim ngeyokuthi uzithele umzimba wonke. Akungabibikho ingxenye yesitho somzimba eshiywa singahlanjiwe. Kuba ngcono ukusebenzisa insipho namanzi nokuthi ugcobe umzimba wakho ngensipho ngaphambi kokuba wenze I-GHUS'L. Kufanele uhlambe konke ukungcola (Najasat)susa konke ukungcola emzimbeni wakho ngaphambi kokuba wenze I-GHUS'L. Xubha amazinyo, Hahaza kahle hlanza amakhala ngamanzi.

SUNNAT: KuyiSunnat ukunquma izinzipho nokususa zonke izinwele ezingadingeki emzimbeni ngaphambi kokwenza I-GHUS'L. Kuyi-Sunnat ukuhlamba uhlangothi lwangakosokudla kuqala bese kuza elesinxele nokususa zonke izinwele ezingadingeki emzimbeni nokuba ukuze wenze I-Wudu ngaphambi kokwenza Ighus'l.

Kuyi-Sunnat ukuhlamba uhlangothi lwangakosokudla kuqala bese uza kwesokunxele iziwombe ezintathu. Kuyi-Sunnat ukwenza I-GHUS'L ngaphambi kokuya emthandazweni owaziwa ngokuthi I-Juma' noma kumuphi umbuthano.

Izinto eziyimpoqo (FARD) ze-GHUS'L ilezi:

1. Yenza izifiso zakho (Niyyah) lapho uqala ukuthela amanzi emzimbeni wakho.
2. Manzisa umzimba wonke wakho ngamanzi. Ahlanzekile.

Uzoqaphelisisa ukuthi inkolo ye-Islam, iyinkolo ehlanzekile. Kufanele siziqhenye Ngayo siqaphelisisise ukuthi sizigcina singamanono. Kufanele ube i-Muslim elihlanzekile.

## **IMIBUZO:**

1. Igama lesi-Arabhu elisho ukuzihlanza lithini na?
2. Iyiphi indlela ye-Islam yokuzihlanza?
3. Iyini I-Fard ka-GHUS'L?
4. Uyawazi amanye ama-Sunnat eGHUS'L?
5. Iyini I-Najasat?

ISAZISO KUTHISHA NOMA KUMZALI: Lena imigomo eyejwayelekile ye-GHUS'L imininingwane izovezwa engxenyeni yesibili yalencwadi. Kuya ngokuthi uthisha ufundisa abantwana abangakanani anganikeza ulwazi olugcwele kubo.

## **ISIFUNDO SESHUMI NANTATHU IMITHANDAZO EYISIHLANU YANSUKUZONKE**

U-Allah uyasiphoqa ukuba senze I-Wudu ngaphambi kokuthatha isinqumo sokuthandaza Manje mingaki imithandazo eyimpoqo ekhona? iyisihlanu.

1. I-Salatus-Subu'h okuwumthandazo wasekuseni onamarakaat amabili IRakaat umnyakazo womthandazo ozobonakaliswa ezithombeni esahlukweni esilandelayo.
2. I-Salatuz-Zuh'r okungumkhuleko wasemva kwemini unamarakaat amane.
3. I-Salatul-As'r(umkhuleko wantambama) unamarakaat amane.
4. I-Salatul –Maghrieb (umkhuleko lapho ilanga selishonile) inamarakaat amathathu.
5. I-Salatul-Ishaai umthandazo wasebusuku unamarakat amane.

Yilena imithandazo u-Allah ayiphoqelegele kuwo wonke ama-Muslim asekhulile Futhi ukuba ayenze asenomqondo kungaba owesifazane kumbe owesilisa. Lemikhuleko ibizwa ngeFARD Salaah (umthandazo oyimpoqo) ngoba u-Allah esiphoqile ukuba siyenze. Empilweni ezayo u-Allah uyakusibuza mayelana nalemithandazo kanti uyakusihlawulisa kanzima.

Uma singayigcinanga yonke eminye imithandazo ayibizwa ngeFARD ngoba u-Allah angeke asihlawulise ngayo nxa sehluleka ukuyigcina, ngakhoke uma sifuna singayenza uma sithanda siyiyeke. Kodwa kubangcono ukuyenza I-Sunnat, ngoba u-Allah uzojabula.

## **IMIBUZO:**

1. Iyiphi i-Salaah u-Allah asiphoqa ukuba siyenze?
2. Mangaki ama-Rak-aat akhona kunoma iyiphi- iFard Salaah?

# ISIFUNDO SESHUMI NANE

## IZIKHATHI ZE- SALAAH

Yonke imithandazo yefard echazwe esifundweni esedlule inesikhathi esinqunyiwe. Kumele Siyenze ngalesosikhathi.

WAQTU kusho ISIKHATHI (okuyisikhathi esibekiweyo sokuthandaza) I-Fard akufanele yenziwe ngaphambi kwesikhathi sayo noma ngemuva kwesikhathi. Uma ushiyiwe yisikhathi ngaphandle kwesizathu, lokhu ukungamlaleli u-Allah Nazi izikhathi zemithandazo yeFARD.

SALATUS SUBUH: kusukela ekuseni lize liphume ilanga (Lesikhathi sibuye saziwe ngokuthi SALATUL FAJ'R). **Iqala ngehora nemizuzu elishumi nambili ngaphambi kokuba kuphume ilanga.**

I-SALATUZ –ZUH'R: Kusukela ngesikhathi ilanga selifike enkabeni kuze kube isithunzi somuntu siba side silingane naye. **Iqala kusukela ekuqaleni kwengxenye yesibili phakathi kokuphuma nokushona kwelanga.**

I-SALATUL AS'R: Iqhubeka kusukela esikhathini lapho isithunzi siside khona ukudlula umuntu. kuze kuyoshona ilanga. **Iqala masishane emveni kwesikhathi esiphakathi kwe- Zuh'r nokushona kwelanga.**

SALATUL MAGHRIB: Iqala masishane emveni kokushona kwelanga kuze kunyamalale ububomvu belanga buphela ofasimbeni. **Iqala imizuzu imithathu emven kokushona kwelanga.**

I-SALATUL ISHAAI: Idonsa kusukela kunyamalala ububomvu belanga ofasimbeni kuze kuyosa. **Iqala masishane emveni kwehora nemizuzu elishumi emveni kokushona kwelanga.**

Uma ushiyiwe isikhathi sokuthandaza ngenxa yezizathu ezibonakalayo ezifana nokuthi useliwe, ukhohliwe, uqulekile okuyizenzo okungezona ezamabomu. Kuyobe sekufanele ukuthi wenze I-Salaah emveni kwesikhathi esinqunyiweyo. Le-Salaah ibe isiyaziwa ngokuthi I-QADAA (okuwukuthi umthandazo wokukhokha).

KUNEZIKHATHI LAPHO OKUFANELE SEXWAYE UKWENZA I-SALAAH:

- Lapho ilanga liphuma.
- Lapho sekuphakathi nemini.
- Lapho ilanga lishona.

## IMIBUZO:

1. Kungabe yonke I-Salaa ye-Fard inezikhathi ezinqunyiwe.?
2. Kufanele yini ukuthi sidlulelwe isikhathi sokuthandaza esinqunyiwe?
3. Ungachaza ngezikhathi ze-Salaah ye-Fard?
4. Iyini I-QADAA?
5. Inini lapho okufanele I-Salaah ingenziwa?

ISAZISO KOTHISHA NABAZALI: Zonke izikhathi ezishiwo ngaphezulu zishaya esikhonkosini.

## **ISIFUNDO SESHUMI NESIHLANU IZIMO NGAPHAMBI KOKUQALA I-SALAAH (I- Shuroot ye-Saalah)**

Uma uzoqala ukwenza I-Salaah kumele ubhekele lezizinto ezilandelayo:

1. Umzimba wakho, izimpahla ozembethe kanye nendawo okhulekela kuyo kumele kuhlanzeke kuko konke okuthiwa I-Najasat.
2. Kufanele wemboze umzimba wakho kusukela enkabeni kuze kuyofika emadolweni uma ungumuntu wesilisa kodwa uma ungowesifazane kufanele wezemboze wonke umzimba ngaphandle kwezandla nobuso (okufanele kushiye kungambozwanga)
3. Kufanele ubheke I-Qibla. I-Qibla iseduze neMosque eyakhiwa uMprofethi Ibrahim e-Makka. Le-Mosque ibizwa ngokuthi I-KA'BAH.
4. I-Salaah yakho ngeke yamukeleke lapho uthandaza wazi ukuthi awubhekile I-Qiblah lapho uthandaza. Uma kunjalo kufanele uqale phansi wenze I-Salaah.

**Izifiso zokuthandaza kumele zenziwe ngaphambi kokuba kwenziwe zonke iziwombe Fisa ngenhliziyo yakho (Niyaah) ukuthi ufuna ukwenzani. Khumbula ukuthi zonke izenzo ezinhle zenziwela u-Allah. Nasi isibonelo sesifiso I-Niyyah. NGIFISA UKUBA NGIKHULEKE LAMA-FARD RAKA-AAT E-SUBUH AMABILI UKWENZELA U-ALLAH. Uma uholwa I-Imaam, yengeza ngalamagama “Ngilandela u-Imaam”.**

## ISAZISO:

Umbhali ubona ukuthi ezigabeni zokuqala umntwana kufanele agxilise ekutheni akwazi ukusho ngekhandla I –NIYYAH ngesi-Arabhu. Lokhu kukhuthazwa kancanekancane uma kudingeka.(Umhleli).



## IMIBUZO:

1. Yini okufanele uyiqaphele nxashane ukhuleka?
2. Iyiphi ingxenye yomzimba womfana okumele sembozwe?
3. Kungabe I-Salaah yakho iyiyo lapho uthandaza ungabhekanga I-Ka'bah?
4. Iyiphi ingxenye yomzimba wentombazane okufanele zingembozwa lapho ithandaza?
5. Ungakwazi ukuthi ukhombwe uma usendlini yakho ukuthi I-Qiblah ingakuphi?

## ISIFUNDO SESHUMI NESITHUPHA

### INDLELA YOKUTHANDAZWA KWE- FARD YE- SUBUH

#### ISAZISO:

Ukutshengisa ngezithombe ngothisha kubalulekile. Njengoba ingane ithanda ukuba ibe nokunganaki kufanele ukuba kugcizelelwe ukuthi i-Salaah iyisipho esibhekiswe kuMdali wethu., oseMazulwini. Kufanele sitshengise ukuzithoba ngezinhliziyu zethu imiqondo, akufanele ukuthi siqalaze noma senze yini edidisa imiqondo yethu noma eyabanye. Uyazi ukuthi I-Subuh inamarakaat amabili kanti isikhathi sayo sisukela entathakusa kuze kuphume ilanga. Ukuze ukwazi ukuthandaza I-Subuh kufanele ukuba uvuke lingakaphumi ilanga. Yenza I-Wudu bese ubheka I-Qiblah. Yenza izifiso zakho (Niyyat) enhliziyweni yakho ukulungiselela I-Salatus-Subuh.

#### ISENZO SOKUQALA



Lapho umile kuthiwa wenza  
**I-Qiyaam**

#### SESIBILI – UMA KUYINTOMBAZANE



Isho I-Takbeer, "*Allahu Akbar*"  
okusho ukuthi "*u-Allah Mukhulu*"

## ISENZO SESIBILI, UMFANA

Phakamisa izandla zakho (zibheke I-Qibla). Kuze kube zithinta izindlebe zakho.

Bese wehlisa izandla zakho, ubeka isandla sokudla ngaphezu kwesokunxele zombili izandla ngaphezu kwenkaba.



## ISENZO SESITHATHU

Ibe ususho I-Tha'na:

**Sub- haa-nakal – lahumma Wa bi-  
hamdika – wa- tabaa- rakas-muka  
Wa ta-aala Jad-duka wa-laa- ila-  
Ha Ghay-ruk- ka.**

*“Udumo alube KUWE, O’-ALLAH,  
INDUMISO INGEYAKHO,IGAMA  
lakho libusisiwe. Ubukhulu bakho  
buphakanyisiwe, kanti akekho omunye  
uNkululunkulu ngaphandle kwakho.”*

(Ukuthi Thana kusho ukudumisa u-Allah onaMandla.I-Shafai ibe isihlabelela **I-Dua-u I-iftitah** njengasekhasini 73). Emveni kwalokhu funda kakhulu I-Surah Fatiha.



**Bismilla- hir- rahma –nir- raheem  
Al- hamdu lil- lahi Rab-  
Bil A’a-lameen. Ar- rah-maa-nir-  
Raheem. Ma-likhi Yow- mid-deen.  
Iy- yaaka Na’budu Wa iy’yaaka  
Nas- taa- een, ih- di- nas- seeratal –  
Mus- ta- qeem. Siraa- tal- lathee- na  
An-‘ am –ta Alay – him Ghay- ril  
Magh-doobi Alay –him wa- lad-  
Daul leen  
(Aa-meen)**

Ngiyaqala ngegama lika-Allah oNobubele, onoMusa oMkhulu. Lonke udumo

malube ku-Allah onguNkulunkulu wamazwe onke onoMusa oMkhulu onoBubele iNkosi yoSuku lokwahlulela. Nguwe kuphela esikudumisayo futhi nguwe kuphela esicela kuwe usizo. Sihambise endleleni eqondile. Indlela yalabo abakhethiwe bakho hayi endleleni yalabo umbuso wakho unolaka ngabo futhi bephuma endleleni yakho. (“yamukela umthandazo”). **Lapho** I-(Imaam) isihola umthandazo, I-Sha’fai icula I-Surah Fatiha kancane ngokwayo emveni kokuba I-Imaam isiqedile ukusho eyayo, nxa ngabe I-Imaam ivuma ngesikhathi. Bese ufunda kakhulu I-Surah emfushane (**I-Surah** emfushane isho isahluko esifushane se Qu’ran eNgcwele). (Izigaba eziningi ezimfushane zisemuva kwalencwajana).

**Bismilla –Hir –Rahamaa- nir raheem**

**In- na A’a- tay- na Kalkau- thar.**

**Fasa- lil li- rab –bika wan-har.**

**Inna Shaani – aka huwal Abtar.**

*“Ngiyaqala egameni li-ka-Allah, oNomusa,oNobubele.Ngokweqiniso sininikeze I –(Al-Kau-Thar) izinto eziningi,ngakho-ke khuleka ku-Nkulunkulu wakho wenze imihlatshelo ngoba lowo ophikisana naye uzakuqunywa (ezibusisweni zika-Allah)”*

\*I -(Al- Kau Thar iligama lesiphethu esiseMparadisweni.)

#### **ISENZO SESINE**

Manje i-Ruku (athoba) uthi:

**Al- la-hu- Akbar.**

*U-Allah Mkhulu.*



Lapho usazithobile isho kathathu:

**Sub-haana rab- biyal Atheem**

*“uDumo alube kuNkulunkulu wami oMkhulu”*

### ISENZO SESIHLANU



Manje usungaliphakamisa ikhanda lakho ku-Ruku uthi :-

**Sami –al lahu Liman - Hamida**

*“U-Allah uzwa bonke abaMbongayo”.*

**Rab – ba- naa Lakal – hamd.**


*“Nkulunkulu wethu siyakuBonga”.*

### ISENZO SESITHUPHA

Ibese uguqa phansi ngamadolo uwe ngesiphongo(sujoed) uthi:

**Allahu Akbar.**

*“U-Allah Mkhulu.”*



Lapho usaguqile yisho kathathu:

**Sub-haana Rab-biyal-A’ala**

*“Udumo alube kuNkuluNkulu wami, oPhezulu.”*

Isikhathi esejwayelekile sokusho lokhu sikathathu kodwa uma sikhona isikhathi ungasho kaningi. Ukusho izikhathi ezingugweja kuyakhuthazwa.

Manje phakamisa ikhanda lakho kwi-Sujoed uthi:

**Allahu Akbar**

*“U-Allah Mkhulu”.*

bese uhlala phansi.



## ISENZO SESIKHOMBISA



Indlela yokuhlala ibizwa ngokuthi I-(JALSAH).

## ISENZO SESISHIYAGALOMBILI

Guqa phansi okwesibili njengasekuqaleni uthi:-

**Allah akbar**

*“u-Allah Mkhulu.”*

Lapho usuka kwi-sujoed isho kathathu uthi:

**Sub- haana rab-biyal – A’ala**

*“Udumo alube kuNkulunkulu wami,OMKHULU”*

## ISENZO SESISHIYAGALOLUNYE

**Sukuma ukuze wenze I- Raka-aat yesibili.**

Sukuma ku-Sujoed uthi:-

**Allahu – Akbar**

*“U-Allah Mkhulu”.*

Manje ususukumile ukuze uqale I-Raka-aat yakho yesibili. Yenza ku-Raka-aat yesibili okufana ncmishi njengoba kade wenze ku Rak-aat yokuqala. Funda I-Surah Fatiha isiwombe sesibili bese ufunda noma iyiphi i-Surah emfushane bese wenza I-Ruku (Bheka isibonelo ngezansi) bese wenza I-Sujoed njengasekuqaleni

kuthi ekugcineni uhlale phansi usho I-Tashah –hud (Tahiy-yaat) Funda kanje:

**ISENZO SESHUMI (Ukuhlala kwe- Tashah – hud)**



**At- tah hayaatu Lil lahi was- salawatu  
Wat-tay-yibaatu As-slaa – mu alaika Ay-  
Yuhan- - nabiy-yu wa-rah- matul- lahi Wa  
Ala ibaa-dil –laa- his- saliheen. Ash- hadu  
Alla - ilaa – ha il \* -al- lahu Wa-ash –hadu**

**An –na Muhammadan – abduhoo – Wa- Rasooluhu.**

*“Zonke izibingelelo, yonke imithandazo nako konke okuhle kunikezelwa u-Allah. O’ Mprofethi oNgcwele, uXolo luka-Allah, uMusa kanye neziBusiso zakhe zibe phezu kwakho. Uxolo lube nathi, lube futhi phezu kwalezithunywa zika-Allah ezikhutheleyo. ngethula ubufakazi ukuthi akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kuka-Allah. Ngethula ubufakazi ukuthi uMuhammad iSithunywa sakhe kanye neNceku yakhe”.*

Bese ufunda I-Salawatul-Ibrahimiyyah:

**Al – lahum- ma- sal- I Ala-  
Muhammadin wa- ala A’ ali-  
Muhammadin Kama – Sal – layta  
Ala- ibraahima wa- Ala – A’ali  
Ibraahima in- naka Hameedum-  
Majeed. Al- lahum- ma Baarik  
Ala –Muhammadin Wa –ala a’ ali ibraa-  
Hima in- naka Hameedum – majeed.**

*“O’Allah thumela izibusiso zakho kuMuhammad kanye nomndeni wakhe njengoba wabusisa u-I-brahim kanye nomndeni wakhe, ngoba wena ufanele ukudunyiswa uphakanyiswe. O’Allah phakamisa uMuhammad nomndeni njengoba waphakamisa u-Ibrahim nomndeni wakhe, ngoba wena uluDumo futhi uyaphakanyiswa.”*

(ISAZISO: I-Sha'fai ihlabelela I-QUNOOT emveni kokusukuma ku-Ruku yeRaka-aat yesibili ye-Subuh ebese eya ku -Sujoed.

Lapho uthi -IL- LAL-LAA yelula umunwe wakho oyinkombo (AmaHanafee ayawehlisa emva kwalokho)

#### **ISENZO SESHUMI NOMUVO**

Phendula ubuso bakho ububhekise ehlonbe lokwesokudla.

Lapho usuthi :-

UXolo noMusa ka-

Allah ube phezu kwenu.

**As – salaamu – alaykum**

**Wa- rah- matul-laah**

#### **ISENZO SESHUMI NAMBILI**

Bese uphendukela ehlonbe lokwesokunxele usho into efanayo.

**As- saalamu – alaykum  
wa-rah- matul- laah**

**“UXolo noMusa ka-  
Allah ube phezu kwenu.”**



Lomthandazo omfushane wokuzinikela (Dua) olandelayo ungashiwo emveni kwe-Salaah. Awubalulekile.

*“O-Allah! UMBuso wakho ungowoXolo kanti uXolo luvela kuwe, uBusisiwe wena O' Nkulunkulu wobuKhosi noDumo.”*

Lapho sivuka ekuseni kumele sibingelele wonke umuntu osendlini ngokuthi **Assalamu Alaikum**”(uxolo alube nawe) bese senza okufanayo lapho sesiyo lala. Kufanele

sisebenzise wona u-Salaam lapho sihlngana noma sisuka ezindaweni zama- Muslim nomafuthi singena nalapho siphuma endlini yama-Muslim. Lapho siphendula isibingelelo kufanele sithi “*Wa- alay Kumus –salaam*”. Uxolo lube kuwena futhi!

Lapho usuya kolala kungcono ukuba wenze I- WUDU. Yenza lokhu kube ngumkhuba wakho.

### UMKHULEKO WANJALO (DU’A)

ISAZISO KOTHISHA NABAZALI :-Lomkhuleko wanjalo (I-Du’a) ungashiwo emveni kwe Salaah noma ngabe isiphi isiwombe. Awubalulekile kodwa uyakhuthazwa.

#### **Bismilla- hir- rahma –nir- raheem**

“Nginyaqala ngegama lika-Allah, onoMusa, noBubele.

**Alla-huma’Aa-tini lemaa-  
Nan Kaa-meelow(n) Wa-amaa-  
Nan Da-iman Wa-riz-qan Wa-  
Sian. Wa-aq-lan Taam-man Wa-  
Il-man-naafi-an Wa-ama-lan Saa-  
Lihan Wa-khulu-qan Hasa-nan  
Wa-‘aa-tini Izza-tan Wa-sah-  
Hatan Wa-Raah-hatan Wa-far-  
Hatan Wa-quw-watan li-ibaa-  
Datika Wagh-fir-lee Waliwaa-li-  
Day-ya Wali-asaa-titha-ti Walil-  
Muslimeen, Wa-‘aa-tini Maa’rifa-  
Tika tika Ya-Allahu Bi-hurmatil  
Qur’aa-nil Atheemi Wan-nabi-  
Yil Kareemi Wa-aali-hi Wa-as-  
Haabihi Ajma’een. Birah-matika.  
Yaar Ar-hamar-rahimeen.**



*O’Allah, ngiphe ukukholwa okugcwele isisekelo sanguna phakade, ukuvuthwa komqondo, ulwazi olufaneleyo, ukuqondiswa ekwenzeni izeenzo zokulunga, izeenzo zokuzithoba, ngiphe udumo kanye nempilo enhle, ukwaneliseka kanye nokujabula, namandla okukusebenzela ungixolele nina nabazali bami, kanye nothisha kanye nawo wonke ama-Muslim ungiphe futhi ulwazi lokukwazi wena.*

*O’Allah ngokobungcwele beQu’ran kanye noMprofethi ozithobileyo nomndeni wakhe kanye nabangani bakhe kanye noMusa Wakhe ngokuba unombusa nobubele”*



Kufanele ukuthi kube umkhuba wethu ukuba sisho I-Du'a (umkhuleko wokuzinikela) emveni kokuvuka nalapho siyolala sibonga u-Allah oNamaḥḍla ngoBubele bakhe nangoMusa wakhe, bese sikhulekela yonke imindeni yethu nabangani abantulayo nabagulayo. Kanti amazwi okugcina okumele siwasho ngaphambi kokuba sivale amehlo ethu ilawo eKalimah sha-ha-dah. Khumbula, u-Allah onaMandla owazi konke. Ungenza I-Du'a yakho noma ingaluphi ulwimi olwaziyo usebenzise amagama owathandayo

#### **IMIBUZO:**

1. Iyini I-Rak-aat?
2. I-Rak-aat igcina kanjani?
3. Isalaat isuke iphelele uma kunjani?
4. Iyini iRuku?
5. Iyini I-Sujoed?
6. Iyini I-Surah?
7. Athini amagama okufanele siwasho ekuseni?
8. Athini amagama okufanele siwasho ebusuku?

## **ISIFUNDO SESHUMI NESIKHOMBISA UMTHANDAZO OYIMPOQO KA ZUH'R, AS'R, NE ISHAAI**

UHLA LWEMITHANDAZO EYIMPOQO (FARD SALAAH)

**Subuh :** 2 Raka-aat  
**Zuh'r:** 4 Raka-aat  
**As'r:** 4 Raka-aat  
**Maghrib:** 3 Raka-aat  
**Ishaa'i :** 4 Raka-aat

I-Subuh inamaRaka-aat amabili futhi uyazi ukuthi enziwa kanjani. Kodwa iZuh'r,As'r ne Ishaai iyinye zinamaRaka-aat amane. Ngakho-ke lapho wenza I-Zuh'r I-As'r ne Ishaai kwenze kanje:

AmaRakaat amabili okuqala ayefana namabili we Subuh, ngaphandle lapho sekuhlalwa kokugcina kwiTash-hud ekugcineni kwerakaat yesibili. Lapha ufunda I-Tasha-Hud uze ufinyelele ku –“wa ashadu anna Muhammadan Abdu –hu wa- ra-soo-luhu”. Ubase usukumela iRakaat yesithathu uthi “Alahu Akbar”. Manje isho I-Surah Fatiha ngokuthula. Ube usuthoba ukwenzela I-ruku, phakama bese wenza I-sujud. Emveni kwe sujud yesibili yerakaat yesithathu ube usuphakama ukwenzela eyesine ube usuyenza ifane ncamashi neyesithathu. Ube usuhlala

ngendlela yeJalsa okokugcina usho I-Tasha–Hud ne Salawaat, izibingelelo zoMprofethi uMuhammad. Ibe usunikeza izibingelelo I-Salaam. Isura Fatiha yama rakaat amabili okiqala a-Ishaai kumele ishiwo izwakale kanti kwi Zuhr neAsr ishiwo buthule.

#### **IMIBUZO:**

1. Inama rakaat amangaki iZuh’r, As’r, neIshaai iyinye?
2. Uyenza kanjani I-Salaat ye Zuh’r,ne As’r ne Ishaai?
3. Uyifunda kanjani I-Surah Fatiha ne Surah emfushane kumarakaat amabili okuqala e- Ishaai., Zuh’r ne As’r?
4. Yini oyishoyo ekuhlaleni kwakho kokugcina?
5. Iyini I-Salaam?

## **ISIFUNDO SESHUMI NESISHIYAGALOMBILI I-MAGHRIB**

#### **Imikhuleko ye-Maghrif kufanele yenziwe ngalendlela elandelayo :**

Khuleka amarakaat amabili njengakwi-Subuh, usho kakhulu I-Surah Fatiha ne Sura emfushane. Hlala emveni kwe rakaat yesibili bese ufunda I-tasha-hud uze ufike ku-“wa-ash hadu anna Muhammadan Abdu –hu was Rasuluhu”. Manje emveni kwalokhu sukuma ubese ukhuleka irakaat yesithathu usho kuyona I-Surah Fatiha kuphela buthule. Emveni kokuba usuqede iRakaat yesithathu, uhlale phansi, kuthi ngalesikhathi uhleli, ufunda I-Tasha-hud neSalawaat. Ubese unikeza isibingelelo I-Salaam. Emveni kwalokhu I-Salatul Maghrif, isiphelele.

Sifundile ezifundweni ezidlulile ukuthi I-Salatuz Zuh’r, As’r, ne–Ishaai iyinye inama- Rakaat amane. AmaRakaat amabili kuphela e-Subuh namaRakaat mabili e Maghrif ne-Ishaai okufanele ashiwo kakhulu, okunye kumele kushiwo buthule.

#### **IMIBUZO:**

1. I-Maghrif inamaRakaat amangaki?
2. Uhlala izikhathi ezingaki uma wenza ITasha–hud ye-Salatul Maghrif?
3. Kuba kuyiphi I-Rakaat ye-Maghrif lapho uhlabelela buthule?
4. Kukuyiphi I-Rakaat ye Maghrif lapho uhlabelela khona kakhulu?
5. Uhlala kangaki ku-Subuh, Zuh’r ne As’r?
6. Mahluko muni okhona phakathi kwe-Ishaai,Zu’r neAs’r?

# **ISIFUNDO SESHUMI NESISHIYAGALOLUNYE IZENZO EZIQEDA NOMA ZEPHULE I-SALAAH**

Kunezenzo eziqeda I- Salaah. Kumele uziqaphele.

1. Ungakhulumisi muntu lapho wenza I-Salaah.
2. Ungadli noma uphuze utho ngenkathi wenza I-Salaah.
3. Akumele ushiye nakancane noma iziphi izimo ze-Salaah kanti futhi ungazenzi ngokungalandelanisi, isibonelo: Ukuthoba (Ruku) emveni kokuba bese uguqile (sujoed), noma ushiye ukwenza enye ye-Arkaan.\*Asithi nje mhlawumbe uguqa kanye esikhundleni sakabili noma ushiya I-Rakaat eyodwa (Uma ulibona iphutha lakho kufanele uphinde uthandaze kahle futhi). Ungahlali phansi uma uthandaza uma ngabe unakho ukuma.
4. Ungayishiyi I- Takbieratul Ihraam. (I-Takbieratul Ihraam iyi-tabier okuyiyona oqala ngayo I-Salaah, okuthi -ALLAHU AKBAR, okusho ukuthi u-Allah Mkhulu).
5. Ungasheshisi ngendlela yokuthi umzimba wakho awulitholi ithuba lokuba ume uqonde lapho wenza iRuku noma kuSujoed.

(Akufanele ukuthi siphazamise I-Salaah yabanye ngokuthi sihambe phambi kwabo noma sikhulume noma sithandaze kakhulu).

## **IMIBUZO:**

1. Ungakhuluma lapho uthandaza?
2. Ungadla noma uphuze lapho uthandaza?
3. Uvumelekile ukuba uthandaze I- Fard Salaah uhleli phansi unakho ukuma?
4. Iyini I-Takbieratul Ihraam?
5. Kumele wenze njani lapho ubona iphutha lakho?
6. Uvunyelwe ukuthandaza masisha kangakanani?
7. Singakuvikela kanjani ukuphazamisa I-Salaah yabanye abantu?

ISAZISO KOTHISHA NABAZALI: Ungasihlukanisa lesisifundo iziwombe ezimbili

\* ARAKAAN kuchaza isenzo.

# **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI**

## **I-SUNNAT SALAAH, WIT'R, NAFIL**

Ama- Sunnat Salaah ami kanje kanti ashiwo buthule, ngaphandle kweWit'r ngesikhathi se Ramadaan, lapho yenziwa ngokuhlanganyela.

- Subuh:** 2 rak-aat ngaphambi kwe Fard  
**Zuh'r:** 2 noma 4 ngaphambi kweFard no 2 emva kwe Fard  
**As'r:** 2 noma 4 ngaphambi kwe Fard  
**Maghrib:** 2 emva kwe Fard  
**Ishaai:** 2 noma 4 ngaphambi kwe Fard no 2 emva kwe Fard ilandelwe amarak-aat Amathathu e Wit'r.

### **TAHAY -YATUL-MASJID**

Njengendlela yokuhlonipha I-Masjid iNdlu ka-Allah sithandaza ama Raka-aat amabili e Tahayatul Masjid lapho singena ku-Masjid. (UMprofethi oNgcwele usitshele ukuba sifike ngesikhathi e-mosque ukuze sithathe izindawo phambili. Nokho akufanele sidlove ebantwini kodwa kumele sidlule kahle).

Uvunyelwa ukuthandaza amaRak-aat e Naf'l amaningi ngango kuthanda kwakho. Ukuhlelwa kwemithandazo yesunnat oweMu-akkadah (okhuthazwayo) nowe Ghair Mu-akkadah (owenziwa ngokuthanda).

#### **IMIBUZO:**

1. Imuphi umthandazo we-Sunnat othandazwa ngokuhlanganyelwa?
2. Kufanele sihambe kanjani uma siya ezihlalweni ezingaphambili?

**ISAZISO KOTHISHA NABAZALI:** I-Hanafee yenza ama-Raka-aat ambalwa. Onke ama-Salaah ane Salaam eyodwa, ngaphandle kwe Wit'r okuthi I-Sha'fai yenze amaRaka-aat amabili bese kuba eyodwa. I-Wit'r eyenziwa I-Hanafees iphoqelekile (Wajib). I-Sha'fai yenza ama-Raka-aat amabili ngesikhathi.



# ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI NANYE

## I-ATHAAN (UKUBIZELWA UMTHANDAZO)

Kufanele ukuthi uyamangala ukuthi kungani ukubizelwa umthandazo kwama-Muslim kwahlukile kokwabanye abantu. Ukubizwa kwethu emthandazweni kwaziwa ngokuthi I-A'thaan okusho ukuthi "UBIZO". Imenyezwa izikhathi ezinhlano ngosuku phezulu kwi-Minaret (indawo lapho kuzwakala khona izwi elibiza I-Athaan), izwakale phezulu kophahla kusabalale nasemigwaqeni. Yenziwa umuntu owaziwa ngokuthi i-Muath –thin. Asikho isidingo sokuba intombazane yenze I-A'thaan.

Ngokuhlabelela I-Athaan ngezwi eliphakeme ama-Muslim ayakhombisa ukuthi akasabi ukubiza uNkulunkulu amenze aziwe kubo bonke abantu. Khumbula ukuthi I-A'thaan ungayibiza noma ungakhuleki e- Jama'a kodwa intombazane ayidingi ukubiza I-A'thaan.

I-Mu'ath-thin obuye aziwe ngokuthi I-Bilaal, uqala enze I-Wudu (ukuhlamba) bese ebheka I-Qibla. Ube esebeka izandla zakhe ezimbili ezindlebeni zakhe bese kuthi ngezwi elikhulu nelicacile ahlabelele: Lapho sizwa I-A'thaan singasho sithi "La-bayk" okusho ukuthi "Ngiyasabela lapho ngibizwa". Emveni kwaloko qhubeka phindaphinde amazwi e-Bilaal buthule. ungasho uthi "La-hoala wala Quw- wata-illa billah."

Lapho kushiwo I-A'thaan yomthandazo wase kuseni, lokhu okulandelayo kumele kushiwo.



1. **Allahu Akbar, Allahu Akbar**  
*U-Allah Mukhulu, u-Allah Mukhulu*

2. **Allahu Akbar, Allahu Akbar**  
*U-Allah Mukhulu, u-Allah Mukhulu*

3. **Ash-hadu A(n) la-ilaha illal-lah**  
*“Ngethula ubufakazi ukuthi akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kuka - Allah*

4. **Asha- hadu –Anna Muhammadar-Rasoolulah**  
**Ash- hadu Anna Muhamadar-Rasoolulah**  
*“Ngethula ubufakazi ukuthi u- Muhammad uyi- Sithunywa sika- Allah”*  
*“Ngethula ubufakazi ukuthi uMuhammad uyi-Sithunywa sika Allah”*

5. **Hay-ya Alas-Salaah**  
*Woza emkhulekweni*  
**Hay-ya Ala-Salaah**  
*Woza emkhulekweni*

Uma esho lokhu kufanele uphendule ubuso bakhe ngakwesokudla uma eseqedile isigaba sokuqala buyisa ubuso bakho kwiQibla. Bese uyaphinda u k u m e m e z a njengasekuqaleni,uphinde futhi ubhekise ubuso bakho ngakwesokudla



6. **Hay-ya-Alal-falaah,**  
*Woza empumulweni (uma usho lokhu,yenza njengasekuqaleni, ubuso bakho bubheke esinxeleni)*



**7. Allahu Akbar Allahu Akbar**

*U-Allah mukhulu, u-Allah mukhulu*

**8. Laa-ilaha illal-laah.**

*Akekho omunye unkulunkulu ngaphandle kuka Allah (uma ubiza umthandazo wasekuseni lokhu okulandelayo kufanele kushiwo emuva kwesigaba sesihlanu uphinde kabili)*

**9. As-salaatu khairum-minan-Naaum**

*Umthandazo uncono kabi kunokulala*

Lomthandazo olandelayo ungashiwo buthule emva kwe A'thaan

**Alla-humma Rab-ba  
Haathi-hid-da'watit-taam-mati  
Was-salaatil Qaa'imati  
Aati Muham-mada-nil  
Wasee-lata Wal-fadee-lata  
Waba ath-hul Maqaamal-  
Mahmoo-danil-lathee Wa'at-tahu.**

*“O, Allah, Nkulunkulu wobizo olungenasici nomthandazo ongenamkhawulo, busisa, uMuhammad ngesihlalo esiseduze nawe, mnike udumo umphakamisele esikhundleni oMthembise sona.”*

Uma ungathandazi kodwa uzwa I-A'thaan, kumele uyeke okwenzayo, uma uhleli uhlele, uma umile ima futhi uyeke ukuxoxa ize iphele I-A'thaan. Ukudla nokuphuza kungenziwa uma kungezuphazamisa wena noma abanye.

**IMIBUZO:**

1. Kumele uyenze kangaki I-A'thaan ngosuku?
2. Umuntu owenza I-A'thaan ubizwa ngokuthini?
3. Kumele ubheke kuphi uma wenza uBizo lomthandazo?
4. Izandla zakho kumele uzibeke kuphi?
5. Ungashintshela nini esandleni sakho sokudla?
6. Ungashintshela nini esandleni sokunxele?
7. Ubani okungadingekile ukuba enze I-A'thaan?
8. Kungabe ukubiza kwethu umkhuleko kwehlukile kokwabanye abantu?
9. Kungabe kufanele uyenze I-A'thaan uma uthandaza wedwa?

# **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI NAMBILI I-QAMAH –UKUSHAYA UMUGQA WAMTHANAZO**

Ngaphambi kokuba uqale umthandazo we-Fard kufanele usho I-Iqamah okusho umthandazo weFard usuzoqala. Ima ubheke I-Qiblah uhlabelale kakhulu.

- 1. Allahu Akbar**  
*“U- Allah Mukhulu, u- Allah Mukhulu”*
- 2. Ash- hadu A (n) la- ilaha illal- laah**  
*“Ngethula ubufakazi bokuthi akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kuka-Allah”.*
- 3. Ash- hadu Anna Muhamma- dar- rasools- lul- lah**  
*“Ngethula ubufakazi ukuthi u- Muhammad uyisiThunywa sika- Allah”*
- 4. Hay- ya Alas- saalah**  
*“Wozani eMkhulukweni”*

Uma ususho lokhu phendula ubuso bakho kwesokudla

- 5. Hay- -ya Alal – faalah**  
*“Woza empumelelweni”*

Uma ususho lokhu phendulela ubuso bakho kwesokunxele

- 6. Qad- qaa- matis saalatul qad- qaa- matis- saalah**  
*“Umkhuleko usuqalile, Umkhuleko usuqalile”*

- 7. Allahu Akabar,Allahu Akabar**  
*“U-Allah Mukhulu, u-Allah Mukhulu”*

- 8. Laa— ilaha illal –laah**  
*“Akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kuka- Allah”*

**Manje usungawuqala umkhuleko wakho wempoqo (Fard).**



# **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI NANTATHU**

## **UMTHANDAZO WOKUHLANGANYELA - SALAATUL JAMA'A (Njengokwehluka ku Juma'ah)**

Lapho uhamba uyodlala, akubi mnandi ukudlala wedwa. Lapho uhamba uyongcebeleka uyathanda ukuba ube nabangani bakho eduze kwakho ngoba angeke uzithokozise ungcebeleka wedwa. Kuyefana ne-Saalah. U-Allah uyathanda ukuba sihlangeane e –Mosque nabanye abafowethu bama-Muslim senze I-Salaah ngokuhlanganyela. Yingakho u-Allah esithembise izibusiso ezinkulu nxashane senza njalo. Kusho u Nabi Muhammad:

**Salatul – jama'ati Af- dalu Min-  
Salati – Fathi'thee Bi-sa-euo (n)-  
Wa Ish-ree-na Darajah.**

*“Ukukhuleka ngokuhlanganyela kungcono ngokuphindwe ka- mashumi amabili nesikhombisa kunokuthandaza wedwa.”* yingakho ama-Muslim ehlanganyela e – maMosque kahlanu ngelanga. Kanti lokhu kuhlangana kwenza ukuba kube nokuthandana phakathi kwama-Muslim. Ngakho- ke uma umuntu ejwayela ukuya e-Mosque ebese eyanyamalala, kuyakube sekuyaziwa ukuthi mhlawumbe uyagula noma kukhona utho olwenzekile kuyena. Ngalendlela sikhulisa ubungane sazi ngezinkinga zikalowo nalowo ukuze sikwazi ukuthi sisizane. Lapho kunento esemqoka exaka I-Muslim baba nethuba lokuba babizane ngenkathi benza imikhuleko yokuhlanganyela.

### **YENZIWA KANJANI IMIKHULEKO YOKUHLANGANYELA**

Ngenkathi lapho I-Mu-ath- thin isisibizela umkhuleko, kufanele ukuba sihlanganyele e- Mosque. I-Mu-ath-thin ibe isinikeza Iqamah, okuwubizo lokushaya ujenga lomthandazo Sonke kufanele ukuba sime siqonde kulolujenga (siqale ukwenza lolujenga kusukela phakathi nendawo) u-Imaam aye phambili ukuhola umkhuleko. Emva kwakhe kumele kume amadoda ebese kuba abafana. Lapho kukhona nabesifazane kumele bame emumva kwabafana. Lapho umkhuleko wokuhlanganyela wenziwa abantu ababili, oyedwa uyahola ebese kuthi omunye ame kangange gxathi lonyawo ngasesandleni sokudla so-holayo. Kanti lapho kulandela abangaphezulu koyedwa kuya kube sekudingeka ukuba kwenziwa umugqa emva kwe-Imaam. Kumele ukuba silandele i-Imaam kuyo yonke into eyenzayo. Uma enza I-Ruku nathi kumele senze I-Ruku, uma enza I-Sujoed, nathi sense ngokufanayo. Lapho sithandaza akumele ukuba senze lutho I-Imaam ingakalwenzi. (Igama elithi –Imaam lisho ukuthi “*umholi*” – umuntu oholo imikhuleko).

Uma ufika emuva kwesikhathi umthandazo wokuhlanganyela usuqalile, kufanele wenze I-Niyya wenze lokho okwenziwa I-Imaam. Uma I-Raka-aat ku-Ruku Noma ngaphambili leyo Raka-aat ithathwa njengephelele. Noma iyiphi I-Raka-aat ongakwazanga ukuyenza kufanele uqedelele emveni kokuba I- Imaam isiqedele nge-*Salaam*.

#### **IMIBUZO:**

1. Kungani sithanda ukuthandaza ngokuhlanganyela (Jama'a)?
2. Kumele ume kanjani kwi –Jama'a?
3. Kungabe uvumelekile ukuba uqale noma kanjani ngaphambi kokuba I- Imaam iqale?
4. Ungayisho I- A-‘thaan?
5. Ungayisho I- Iqamah?
6. Uma ufika emuva kwesikhathi ungena kanjani emveni kokuba I- Jama'a isiqalile?
7. Kufanele siyenze kanjani imiqha?



## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI NANE UBANI OKUFANELE UKUBA ABE- I-MAAM?**

UMprofethi oNgcwele wakhapha umbiko wokuthi I-Imaam kufanele kube umuntu okwazi ukusho I- Qur'an ngendlela egculisayo (ngaphandle kokuthi iBandla liziqokele I-Imaam eliphoqekile ukuba liyilandele).

Uma kunabantu abangaphezu koyedwa abalisho kahle I- Qur'an, bebiza kahle amagama kuzothi lowo owazi kahle imfundiso yo Mprofethi o Ngcwele uyena okuyodingeka ukuba ahole. Uma bonke benolwazi ngokulinganayo, kufanele ukuba kuqokwe lowo okhuthule kunabo bonke futhi osekhulile. Umuntu ongathandeki ebantwini ngenxa yezizathu ezithize eziqinile zenkolo akumele ahole umthandazo. Ngokufanayo akuthandeki ukuba kuqokwe umuntu onezenzo ezingahambisani nemigomo yesi- Muslim.

Umuntu ongabaniyo kumbe noma ngubani onesici sokungaphili kahle, angayihola imikhuleko uma enalo ulwazi. Umfanyana naye angawahola amadoda

ngomkhuleko nxashane iQur'an eNgcwele eyisho kahle.

#### **IMIBUZO:**

1. Yini odinga uyazi kuqala ukuze ube yi-Imaam?
2. Bese kulandela bani?
3. Nobani emuva kwakhe?
4. Umuntu onjani osuke eqokwe njenge- Imaam ongathandekiyo?
5. Umfana angayihola nini imithandazo yokuhlanganyela?
6. Umuntu ongaboniyo angayihola imithandazo?

ISAZISO: Lesifundo esingenhla sinikeza imithetho eyejwayelekile ngalesifundo kanti sakhelwe kwi-A'hadeeth yangokweqiniso.

## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI NANHLANU I-JUMA'AH -IMIKHULEKO YOKUHLANGANYELA YANGOLWESIHLANU**

Yaa-ay-yu hal- latheena  
A'amanu ithaa Noo –diya Lis-  
Salaati Miy- yow mil – Jumu'ati  
Fas-‘ o (n) ila – thik – ril – lahi Wa-  
Tha-rul-bay-‘a

*“O nina enikhohwayo lapho Kubizwa uMkhuleko wangoLwesihlanu (okulilanga lokuhlanganyela) sheshisani ngokuqinisekileyo inkumbulo ka-Allah niyeke konke okuphathelene namabhezini (ukuhwebelana nezinye izinto)”.*

(Surah 62:Verse 9)

Njalo ngoLwezihlanu ama-Muslim ahlangani eMosque ngesikhathi okuthiwa I-Zuh'r ukwenza umkhuleko owaziwa ngokuthi I- Juma'ah. Lena I-Fard eyamiswa ngu-Allah.Lomthandazo we-Fard umele I-Zuh'r. **Inhloso yomthandazo we-Juma'ah ukuba kuhlanganyelwe ngemithandazo ku-Allah.**

Kufanele siye e Mosque ngaphambi kwe -Zuh'r ukuze sikwazi ukwenza I-Wudu sikhuleke noma imuphi umkhuleko esiwufisayo **size** sizwe I- A'thaan yesibili eyenziwa phambi kwe Mimbar (I-pulpit). Kube sekufanele ukuthi sihlale phansi silale ngokucophelela I- Imaam eshumayelayo (Khutbah).Intshumayelo esikhathini esiningi iba mayelana nabafowethu nodadawethu bama-Muslim kanti



futhi isikhumbuza ngemisebenzi yethu. Intshumayelo isiza ekuqiniseni uKholo lwethu. I-Imaam isho iziqephu ze Qur'an namasiko athile ngoMprofethi wethu uMuhammad (ngaphezu kwakhe kube nezibusiso zika-Allah.). Emveni kwalokhu uhlala phansi ukuze athathe ikhefu. Ubese eqala intshumayelo yakhe yesibili lapho ekhulekela wonke ama-Muslim. Ube esehla e-pulpit bese kuthi I-Mu-ath-thin ibize I-Iqamah, okuwubizo lokushaya umugqa wokukhuleka. I-Imaam ibe isisihola ngomkhuleko wama-Raka-aat amabili, isho I-Surah Fatiha namanye ama-Sura ngezwi eliphakeme. Kuthi lapho esesho I-Salaam, ibe isiyaphela I-Juma'h.

Kufanele kukhunjulwe ukuthi noma iyiphi inhlobo yebhizinisi noma ukuhwebelana ayivumelekile nakancane (Haraam) kusukela ngesikhathi kubizwa uMthandazo kuze kufike isikhathi lapho I-Imaam iphetha I-Juma'ah nge-Salaam. Kuba ngcono ukuvakashela I-Mosque lapho uMthandazo wangoLwesiHlanu uhunyushwa ngolimi esiluzwayo sonke ukuze sikwazi ukuvuna ngokugcwele ngawo. Ukuhumusha kungenziwa ngaphambi noma ngemuva kwe-Juma'ah.

#### **IMIBUZO:**

1. Mangaki ama-Raka-aat akhona ku Juma'ah?
2. Lichaza ukuthini igama elithi Khutbah?
3. Kumele uziphathe kanjani lapho I- Imaam yenza I-Khutbah?
4. Kungabe kuvumelekile ukuhweba noma ukusebenza ngesikhathi se-Juma'ah?
5. Kungabe u-Juma'ah uphoqelekile na?
6. Iyini inhloso ye-Juma'h?
7. Lithini igama elesi -Arabhu elichaza ukwenqatshelwa?
8. Uyayazi incazelo yevesi le-Qur'an ngesikhathi se-Juma'ah?

#### **UMTHANDAZO OMFUSHANE WAZO ZONKE IZIKHATHI:**

**Al-hamdu lillahi Rabi- bil 'Aalameen**  
**As- salatu Was-salaamu ' Ala**  
**Ashrafil mursaleen. Say-yi-dina Wa**  
**Nabiy-yina Muhammadin (n) Wa**  
**'ala Aalihi wa- as- haa-bihi Ajma- een.**  
**Raba- bana Taqab- bal minna innaka**  
**Antas- samuecul 'aleem. Watub' alaina**  
**In-naka Antat- tow- wa- bur- raheem**  
**Rab-bana Aatina Fid—dunya Ha-**  
**Sana-tow (n) wa fil- aakhirati Hasana**  
**tow (n) wa fil- aakhirati Hasana**  
**tow (n) Waqina Athabun- naar.**  
**Rab- bana Aaman- na Faghfir- lana**  
**War- hamna wa- anta Khayrur- rahi-**



**meen. Subhana rab- bika Rab-bil  
'izzati' Amma yasifoon Wasalamun  
Alal –mursaleen Wa- hamdu Lillahi  
Rab-bil' Aala- meen.**

Lonke udumo nokubongwa ngokuka-Allah, uNkulunkulu waMazwe. Umkhuleko noXolo malube ngaphezu kwesithunywa esilungileyo, umholi wethu, uMprofethi u-Muhammad, umndeni wakhe kanye nabo bonke abangani bakhe.

O, Nkulunkulu wethu yamukela izenzo zethu ezinhle,ngokuba wena ungozwa konke nolalela konke. Futhi wamukela ukuphenduka kwethu ezonweni ngokuba uyathethelela njalo unomusa.

O,Nkulunkulu wethu siphe ubuhle kulelizwe nakwelizayo usivikele ekuhlukunyezweni uMlilo. O, Nkulunkulu silwamukele ukholo, kanjaloke sixolele ube nomusa kithi ngokuba ungonomusa omkhulu. UDumo alube ku Nkulunkulu wakho, uNkulunkulu wokuHlonishwa, wahlukene yena nalokho abamhlanganisa nakho, uXolo alube phezu kweZithunywa, kanye nalolonke uDumo nokuBonga ku-Allah, uNkulunkulu waMazwe.

## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI NESITHUPHA SALATUL-JANAZAH (IMIKHULEKO YEMINGCWABO)**

Uma I-Muslim lishona, amanye ama-Muslim asendaweni kufanele ukuba alenzele iMikhuleko yoMngcwabo. Uma kungekho umuntu owenza lokhu, okusho ukuthi onke ama-Muslim endawo enze isono. Lomkhuleko ubizwa ngokuthi I-Salatul-Janazah. Ubalwa ne-FARDUL-KIFAYAH, okusho ukuthi uma kukhona abayenzayo abanye sebekhulekile. Kanti kubangcono lapho sonke siyenza. Akubi ukuthi sibusisekile ngayo, kodwa umphefumulo walowo oshonileyo uyazuza ngawo kanti futhi uyawulangazelela.

Lapho sizwa ngokufa noma iziphi izindaba ezibuhlungu sithi:

**Inna- lillahi, wa-inna, ilayhi rajee-oon**

'Ngokunjalo sivela ku-Allah kanti sobuyela Kuye futhi.(Lokhu kuyisikhumbuziso sokuthi akekho umuntu ongaphunyula ekufeni noma ekuhlukumezekeni.)

Yonke imigomo yeMikhuleko yokuhlanganyela isingethwe I-Salaah, yize noma ngokwejwayelekile iyenziwa ku Jama'ah, iholwa I-Imaam, ingenziwa ngayedwana. Sibe sesimboza uhlaka oluphethe isidumbu (Mayyit) salowo oshonileyo esiphambi kwethu bese sibheka kwi-Qibla. Senza I-Niyyat (isifiso) sithi “Ngikhulekela lomuntu oshonileyo ku-Allah”. Sithi “*ALLAHU AKBAR*” siphakamisa izandla zethu, sithinte izindlebe bese ugoqa izandla uzibeke ngasenkabeni njengoba senza ku- Salaah. Manje iba ususho I- Tha’na, umthandazo njengaseSifundweni seShumi nesithupha (16), Act 3.

(i-Sha’fa’I ibe isisho I-Sura Fatiha)

Emveni kokusho lokhu, phakamisa izandla zombili futhi, uthinta izindlebe ubese usho I-Takbier “*ALLAH AKBAR*”. (I-Hanafee iphakamisa izandla isikhathi sokuqala kuphela).

Manje ibe ususho I-SALAWATUL –IBRAMIYAH.

Phinda uphakamise izandla uthi :- “*ALLAHU AKBAR*” okwesithathu ubese ukhulekela lowo oshonileyo. Kwanele lapho uthi “*ALLAHUM –MAGHFIR –LAHU, WAR-HAM-HU*, okusho ukuthi “*O, Allah! muXolele ube nomusa kuyena*”. Nxashane oshonileyo engowesifazane, ithi “*HA*” lapho “*HU*” khona

Kubangcono nokho ukusho umkhuleko owashiwo uMprofethi oNgcwele we-Islam :-

**Allahum – Maghfirli hay- Yina,  
Wa- May- Yitina, wa-Sha –  
Hidina, wa- Ghaa –ibina, Wa-  
Tha-Karina, Wa- Oon- thana.  
Alla- Humma man Ah- Yay-  
Tahu, min-na, Fa- Ah- Yihi- Alal-  
Islami, Waman Tawaf – Faytahu,  
Min –na Fata – Waf- fahu, Alal-  
Imaani.**

*“O Allah xolela, labo abasaphila nalabo asebeshonile. Labo abakhona lapha nalabo abangekho, abancane nabadala, abesilisa nabesifazane.”*

*“O Allah noma ubani phakathi kwethu omnikeza impilo, makaphile ekholwa inkolo yama-Muslim kanti uma kukhona omthathayo phakathi kwethu, makafe noKholo (Eemaan)”. Manje phakamisa izandla zakho futhi okwesine, uthinta izindlebe uthi: *ALLAHU AKBAR*”, ebese uthi “*ASSALAAMU-ALAYKUM WA-RAHMATULLLAH*” nibhekisa amakhanda ngasesandleni sokudla kuqala njengaseSifundweni seshumi nesithupha (16), Act 12.*

Ayikho I-ruku noma I-Sujoed kwi Salatul- Janazah.

Ungasho ngezwi eliphakeme kodwa sholo phansi.

(Uzoqaphelisisa ukuthi ukuphela kwe-Salaah lapho kungenziwa khona I-ruku noma I-sujoed, ngoba njengama- Muslim sithobisela u-Allah kuphela amakhanda.)

#### **IMIBUZO:**

1. Uma I- Muslim lishona kumele enze njani amanye ama-Muslim?
2. Ungakumela kanjani ukwenza lomkhuleko?
3. Kungani ingekho I-ruku noma I-Sujoed kulomkhuleko?
4. Le-salaah iyashiwo ngezwi eliphakeme?
5. Iyini I-Mayyit?

ISAZISO: Izifundo ezibalulekile mayelana nokuhlanzwa nokumbeswa kanye nokungcwatshwa kwesidumbu kudingidwa nokubanzi engxenye yesibili ye “Ngiyi-Muslim.

## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI ANESIKHOMBISA UKUZILA (SAUM)**

Ukuzila ngenyanga ka-Ramadaan kuphoqelekile kuwo wonke ama-Muslim. Kuyi-Fard. Ukuzila kwama-Muslim kwahlukile kokwezinye izinkolo. Uma I-Muslim lizila alidli, aliphuzi, alibhemi lisho noma lenze okubi.Kusho u-Allah ku Qu’ran eNgcwele:

(Surah 2: I vesi 183)

**Yaa-ay-yu-hal Latheena A’a  
Manu Ku-tiba Alay-kumus-  
Siyamu Kama Kutiba Alal-  
Latheena Min-qablikum.**

*“O, nina enikholwayo ukuzila kuhlelelwe nina njengoba kwakukade  
kwenzelwe labo abangaphambi kwenu”.*

Sizilela u-Allah. siyakusho lokhu uma senza isifiso (Niyyat). Siyakuyeka ukudla, amanzi, ukubhema nokunye kokuzijabulisa ukutshengisa ukuthi sizinikele ngenxa ka-Allah.

Sifunda okuningi ngokuZila. Sifunda ukuba sizwe ubuhlungu bokulamba, ngakho-ke uma umuntu elambile sithanda ukuba simuphe ukudla. Ukuzila kunikeza izisu zethu ukuphumula. Futhi sifunda ukuthi siqine ezinhlosweni zethu, ukuze ukuthi lapho kuza izikhathi ezinzima sikwazi ukuzimela.

Ukuzila kuqala ilanga lingakaphumi kugcine emveni kokuba selishonile.

**Shah'ru Ramadaanal-lathee**

**Unzila Feehil Qur'an.**

(Sura 2: Verse 185)

*"U-Ramadaan inyanga okwembulwa ngayo iQu'ran".*

Siqala ukuzila ngelanga lokuqala lenyanga kaRamadaan ngokuba sidle ukudla okuthile ngaphambi kokuba kuphume ilanga (Faj'r) ngaphambi komthandazo we-Subuh. Kanti sibe sesiqeda ukuzila ngesikhathi semithandazo ye-Maghrib emveni kokuba lishonile ilanga, ngokuba sidle okunoshukela.

Ukuzila kuphoqelekile kuwo wonke ama-Muslim awesilisa nawesifazane asekhulile. Ngamanye amazwi uma ngabe usuthombile. Uthisha noma umzali uzokuchazela ukuthi kusho ukuthini lokhu.

(Uma ungumuntu osemncane uzila isenzo sakho siyakumjabulisa u-Allah kanti uyakuklonyeliswa ngaso)

U-Allah unoBubele. Akabacindezeli abagulayo, abadala noma abasohambeni. Labo abaphoqelekile ukuba bazile ngenyanga ka Ramadaan. Kodwa kumele bazile futhi lapho sebengcono noma futhi sebekwazi ukuthi bangazila. Lokhu kukhokha kubizwa ngokuthi I-Qa'daa. Sitshelwa ukuthi sithandaze kakhulu ngalenyanga ka-Ramadaan. Kunomthandazo onqunyiwe wama rakaat awu 20 owenziwa emva kwe Ishai obizwa ngokuthiwa Taraweh. Siyakhuthazwa futhi ukuba sinikele kabanzi uma sikwazi ukwenza njalo. Sitshelwa ukuthi siphe ngesihle.

Uma inyanga yokuzila isidlulile, sibe sesiyithakasela. Lelinga laziwa ngokuthi I-Eid-ul-Fitr, okusho ukuthi uMgido wokupha NgeSihle. Sonke sihlanganyela ukuyo kwenza imikhuleko yethu. Lelilanga liba ngosuku lokuqala lenyanga eyaziwa ngokuthi I-Sho-waal. Siyazi ukuthi siyalifisa lelilanga ngoba sigqoka kahle, abanye bethu bathola izimpahla ezintsha nezipho eziningi sidle nokudla okumnandi ngalelilanga. Kuwumsebenzi wethu ukuba sijabulise wonke umuntu ngalelo langa. Singajabula uma sijabula neningi.

Kuhle futhi ukuzila kunoma isiphi isikhathi sonyaka. UProfethi uMohammad wathi:



Sifunda okuningi ngokuZila. Sifunda ukuba sizwe ubuhlungu bokulamba, ngakho-ke uma umuntu elambile sithanda ukuba simuphe ukudla. Ukuzila kunikeza izisu zethu ukuphumula. Futhi sifunda ukuthi siqine ezinhlosweni zethu, ukuze ukuthi lapho kuza izikhathi ezinzima sikwazi ukuzimela.

Ukuzila kuqala ilanga lingakaphumi kugcine emveni kokuba selishonile.

**Shah'ru Ramadaan-alathee**

**Unzila Feehil Qur'an.**

(Sura 2: Verse 185)

*"U-Ramadaan inyanga okwembulwa ngayo iQu'ran".*

Siqala ukuzila ngelanga lokuqala lenyanga kaRamadaan ngokuba sidle ukudla okuthile ngaphambi kokuba kuphume ilanga (Faj'r) ngaphambi komthandazo we-Subuh. Kanti sibe sesiqeda ukuzila ngesikhathi semithandazo ye-Maghrib emveni kokuba lishonile ilanga, ngokuba sidle okunoshukela.

Ukuzila kuphoqelekile kuwo wonke ama-Muslim awesilisa nawesifazane asekhulile. Ngamanye amazwi uma ngabe usuthobile. Uthisha noma umzali uzokuchazela ukuthi kusho ukuthini lokhu.

(Uma ungumuntu osemncane uzila isenzo sakho siyakumjabulisa u-Allah kanti uyakukloniyeliswa ngaso)

U-Allah unoBubele. Akabacindezeli abagulayo, abadala noma abasohambeni. Labo abaphoqelekile ukuba bazile ngenyanga ka Ramadaan. Kodwa kumele bazile futhi lapho sebengcono noma futhi sebekwazi ukuthi bangazila. Lokhu kukhokha kubizwa ngokuthi I-Qa'daa. Sitshelwa ukuthi sithandaze kakhulu ngalenyanga ka-Ramadaan. Kunomthandazo onqunyiwe wama rakaat awu 20 owenziwa emva kwe Ishai obizwa ngokuthiwa Taraweh. Siyakhuthazwa futhi ukuba sinikele kabanzi uma sikwazi ukwenza njalo. Sitshelwa ukuthi siphe ngesihle.

Uma inyanga yokuzila isidlulile, sibe sesiyithakasela. Lelinga laziwa ngokuthi I-Eid-ul-Fitr, okusho ukuthi uMgido wokupha NgeSihle. Sonke sihlanganyela ukuyo kwenza imikhuleko yethu. Lelilanga liba ngosuku lokuqala lenyanga eyaziwa ngokuthi I-Sho-waal. Siyazi ukuthi siyalifisa lelilanga ngoba sigqoka kahle, abanye bethu bathola izimpahla ezintsha nezipho eziningi sidle nokudla okumnandi ngalililanga. Kuwumsebenzi wethu ukuba sijabulise wonke umuntu ngalelo langa. Singajabula uma sijabula neningi.

Kuhle futhi ukuzila kunoma isiphi isikhathi sonyaka. UMprofethi uMohammad wathi:

**Man-sama Yowman Fee Sabee Lil-lahi  
Ba'adal lahu Bihi Waj-ha-hu Anin-nar I  
Sab-eena-kha-reefa.**

*“Lowo ozilela u-Allah usuku olulodwa uyakuba nebanga leminyaka  
engamashumi ayisikhombisa phakathi kwakhe nomlilo.”*

Inhloso (Niyyat) yokuzila:

**Nawaitu Souma – Ghadin An-Adaai, Fardi-Ramadaan, Haathee-His-  
sanati, Lilla-Hi-Ta'Aala**

(Nghlose ukuZila kulolusuku olulandelayo ukuze ngikwazi ukusebenzela u-Al-  
lah enyangeni ka-Ramadaan yangalonyaka).

Umthandazo (Du'a) yokunqamula ukuZila ithi:

**Alla-Humma Laka-Sumtu Wa'ala Rizqika After-tu**

(O, Allah ngiluZilele uDumo Lwakho, manje senginqamula ukuZila ngokudla  
okuvela Kuwe).

Yisho loMkhuleko njalo emva kokudla:

**Al-hamdu lillahil-lathi at-amana wa-sa-qana wa-ja-alana minal-muslimeen**

Lonke uDumo nokuBonga ngokuka-Allah onaMandla, osiphe ukudla ukuba sidle  
namanzi ukuba siphuze nokuthi usenze ama-Muslim.

**IMIBUZO:**

1. LiZila kanjani I-Muslim?
2. SiZilela bani?
3. Iyini inzuzo yokuZila?
4. Siqala nini isikhathi sokuZila ekuseni?
5. Sigcina nini isikhathi sokuZila ebusuku?
6. Iyini inhloso (Niyyat) yokuZila?
7. Sikunqamula kanjani ukuZila?
8. Ubani ongaphoqiwe ukuba aZile?
9. Iyini I-qa'daa?
10. Yini I-Taraweeh?
11. Siwugubha kanjani umkhosi ka-Eid?
12. U-Eid ka Ramadaan ubizwa ngokuthiwani?
13. Iyiphi indlela engcono yokujabula?

(ISAZISO SOMZALI NOMA UTHISHA: ungasinqamula lesifundo izigaba ezimbili).

# **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI**

## **NESISHIYAGOLOMBILI**

### **EMINYE YEMIGOMO YOKUZILA**

Uma udla noma uphuza noma yini lapho uZilile, ukuZila kwakho kube “*sekunqamuka*” Kodwa uma wenza njalo ngephutha ukuZila kwakho akunqamuki.

Uma ugula kufanele uthathe imithi ukuZila kwakho “*kuyanqamuka*”. Kodwa angeke uthathwe njengesoni ngoba u-Allah ubavumele abagulayo nabahambi ukuba badle.

Uma owesifazane eya esikhathini, noma ebeletha, ukuZila kwakhe kube “*sekunqamuka*”. Naye uthathwa njengomuntu ogulayo.

Uname oncelisayo uvunyelwe ukuba adle ngesikhathi sokuZila, uma esaba ukuthi ingane ayizukuphatheka kahle lapho eZila.

Kanti kumele ukuthi sikhokhe isikhathi sokuZila, esingasiZilanga ngesinye isikhathi.

#### **IMIBUZO:**

1. Kungabe ukuZila kwakho kuya “*nqamuka*” lapho udla noma uphuza ngephutha?”
2. Ungakunqamula ukuZila kwakho uma ugula?
3. Owesimame akavunyelwe nini ukuba aZile?
4. Kufanele senze njani lapho sinqamula ukuZila ngesikhathi sika-Ramadaan?

#### **ZAKATUL-FIT'R (IMINIKELO KA EIDUL-FIT'R)**

Uma lowo oyi-Muslim enokwanele ngokwedlulele ngelanga loMgubho, kuba impoqo (wajib) ukuba anikeze labo abantulayo. Kufanele anikeze ukudla okwanele noma imali eyanele ukuze nalabo abantulayo bakwazi ukujabula ngomgubho ka-Eid. Kufanele benziwe ukuthi bangantuli, ikakhulukazi ngalolosuku.

Lomnikelo waziwa ngokuthi I-**Fitra**, kanti kufanele unikezwe yinhloko yomndeni enikelela yona kanye nalabo abondlayo.

Umnikelo we-**Fitra**, kufanele ukhishwe ngaphambi kokuba I-**Imaam** iqede umkhuleko ka-Eid. Kanti kuba kuhle ukuba kwabiwe isikhathi eside ngaphambi kuka-Eid ukuze abantu bathole izidingo zabo isikhathi sisekhona, nabo bahlanganyele ekugubheni usuku luka Eid kanye namanye ama-Muslim.

# **ISIFUNDO SAMASHUMI AMABILI NESISHAGALOLUNYE ZAKAAH- UMNIKELO WABAMPOFU**

U-Allah uphoqe labo abacebile ukuba babeke eceleni okuthile konomtho wabo benzele abampofu nabantulayo. Lesisamba kufanele sikhishwe minyaka yonke sinikezwe labo abasingayo. UThando luqala ekhaya. Ngamanye amagama kufanele sinikezwe labo abaseduze nathi. Lomnikelo ophoqelekile wabampofu waziwa ngokuthi I-Zakaah. Iyingxenyeye yemiGomo yenqubo ye-Islam. Iyimpoqo iZakaah iyizinhlobo ezahlukene.

## **1. UKONGA:**

Asithi wonge imali engango R40.00, kwase kudlula isikhathi esingango nyaka lemali ilokhu ikuwe, kuzothi u2,5% (amaphesenti amabili nengxenyeye) kufanele unikelwe ku-Zakaah kuthathelwa kuleso samba esigcwele. Isibonelo u 2,5c (amasenti amabili nengxenyeye) e-Randini elilodwa.

## **2. IBHIZINISI:**

Uma uSomabhizinisi enezinto ezifana namarayisi, u-oyela nensipho esitolo sakhe, ezine nani (Nissab) elithi alibe ngu R40.00 noma ngaphezulu, kanti zibe kuye isikhathi esingangonyaka, kufanele akhiphe 2,5% (amaphesenti amabili nengxenyeye) enani lezimphahla. Ngamanye amazwi u-2.5c I-Randi lilinye.

**Njengoba I-Zakaah iyi-Fard, akufanele sicabange ukuthi lowo ophiwayo wenzelwa isihe. KungumSebenzi wethu ukuthi siphe kanti lowo owamukelayo kulilungelo lakhe ukuba athathe.**

## **IMIBUZO:**

1. Iyini I-Zakaah?
2. Kungani u-Allah wenza I-Zakaah Fard kulabo abacebileyo?
3. Imali engakanani I-Nissab?
4. Zingaki izinhlobo ze-Zakaah ezikhona?
5. Kungabe I-Zakaah ngumsebenzi wokuzikhethela?

## **ISAZISO KUTHISHA**

Lesisifundo esedlule asiphawuli ngalesisihloko ngokwanele kodwa sanele ezinganeni. Ukwahluka kwe-Nissab ezilwaneni, izitshalo, igolide nesiliva, kudinga incazelo ejulile. Ngisho nalenhlobo ye-Nissab ephawulwe ngenhla ngamabhizinisi nokonga ayichazanga ngokugcwele. Ngakho-ke ibalwa ngokwenani lemali yesisindo se-Siliva okuphakanyiswa I- Shariah, nesilinganiso sayo ngesikhathi sokubhala. Lokhu okukhanda izidingo zempilo njengokubeka kwe-Shariah.



# **ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU**

## **UBANI OKUFANELE ATHOLE I-ZAKAAH**

1. Sifanele sinikeze I-Zakaa'h kulabo abahluphekayo nalabo abangetholi mali nhlobo, noma ilabo abantulayo okuthi imali yabo inganeli izidingo zansuku zonke.
2. Labo abangakwazi ukukhokha izikweletu zabo (hhayi labo abadlala ngemali).
3. Isihambi esidingayo esingakwazi ukufinyelela ezimalini zaso sidinga usizo
4. Labo abasebenzela u-Allah.
5. Izinhlngano ezisiza abantu, izibhedlela, ukwakhiwa kwamaMosque, izikole kanye nezikhungo zeZenhlalakahle.
6. Ilabo abaqokwe ama-Muslim ukuba baqoqe umnikelo we-Zakaa'h

**UMprofethi oNgcwele wenqabela sonke isizukulwane sika Bani Hashim, ukhokho wakhe omkhulu, ukuba bazifunele bona iminikelo noma ukuba bamukele I-Zakaa'h, Fitra noma iluphi uhlobo losizo (Izizukulwane zaziwa ngokuthi ama-Sayeds)**

I-Zakaa'h kufanele inikezewe kuqala izihlobo eziseduze ezidingayo, omakhelwane noma uma kunesidingo eNdaweni ohlala kuyo.

### **INZUZO YE-ZAKAAH**

Uma omunye walabo enifunda nabo ekuboleka I-rabha yakhe noma ipeni lokubhala. uba sewumthanda. Uba ngumngani. Uyake ubuqaphelise ubuso balowo onikeze usizo? bugwala ukubonga nokujabula, kanti ubesekusholo umthandazo ngenhliziyo.

Bobabili lowo ophile nalowo ophiwayo bayathokoza. Ngakho-ke I-Zakaa'h iyindlela yothando phakathi kwabantulayo nabacebileyo. Ihlaza inhliziyo yakho iyenze ukuba ingancishani ikuqeqeshe ukuba ulunge. Futhi inciphisa umona nenzondo phakathi kwabacebile nalabo abantulayo.

Kanti I-Muslim lizwakalisa ukubonga ngakho konke okuhle elenzelwe khona, bese lithi "JAZA-KUMUL-LAH", 'Engathi u-Allah angaKwandisela'.

### **IMIBUZO:**

1. Kufanele sinikeze obani I-Zakaa'h?
2. Iyini inzuzo ye-Zakaa'h?
3. Ubani ongavumyelwe ukwamukela usizo lwesihle?
4. Iyiphi indlela ye-Islam yokuzwakalisa ukubonga?

# ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU NANYE AL-HAJ- UMTHANDAZO

Umgomo wesiHlanu we-Islam ukuya e-Makkah eNdlini ka-Allah. Lendlu ka-Allah ibizwa ngokuthi I-Bay-tul-lah noma I-Ka'bah.

U-Allah uphoqe labo abanamndla okuya emthandazweni omkhulu ukuba baye noma ikanye empilweni yabo. Loluhambo lwaziwa ngokuthi I-Haj.

U-Allah uthi ku Surah 3:Vesi 97:

*“Ukuhambela lendlu kuludumo ku Allah kulabo abanamandla okuluthatha”.*

Ngakho-ke wonke owesilisa nowesifazane onemali eyanele ukuba enze uhambo oluya e-Makkah nokuthi akwazi ukubuya, kufanele enze I-Haj..Kwaziwa nge Fard.Awuvunyelwa ukuya ku-Haj ngezimali eziqoqwe ngokuhamba ucela.

Izinyanga ze-Haj zaziwa ngokuthi IShow-waal ne-Zil-Qa-dah kanye nezokuqala ezilishumi ze-Zil-haj.Sigubha u-Haj ngosuku lweshumi luka-Zul-haj bese siba nokubizwa ngokuthi I-Eidul-Adha-uMgubho wokuNikela.Ukuhlangana ngesikhathi sika-Haj kungumhlangano wabantu okukhulu kunayo yonke imihlangano emhlabeni.Minyaka yonke izinkulungwane ngezinkulungwane zama-Muslim zihamba izinkulungwane zamamayela ukuza ukuzokwenza I-Fard.Abantu,bamabala amhlophe, amnyama, abansundu abaphuzi bahlangana babemunye.Bonke bagqoka into efanayo batshengise ukulingana phakathi kocebile nontulayo.Bonke baguqela u-Allah phansi bemunye.

Manje usuyazi ukuthi u-Allah ufuna ukuthi sihlngane kanjani.Okokuqala siphocwa ukuba sithandaze ne Jama'at kuwo wonke ama-Mosque nsukuzonke, bese siphocwa ukuba sikhuleke imikhuleko ka-Juma'h njalo ngoLwasihlanu emadolobheni esikuwo.Emveni kwalokhu siba bakhulu ngesikhathi semikhuleko ka-Eid minyaka yonke. Kanti sisuke sisahlangene sibakhulu kakhulu nge-Haj e Makkah.

## IMIBUZO:

1. Yini i-Haj?
2. Ubani okumele enze i-Haj?
3. Sinini isikhathi sika-Haj?
4. U-Eid ka -Haj ubizwa ngokuthi wani?

# ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU NAMBILI

## IYIPHI INHLOBO YENYAMA ENQATSHELWE

Ama-Muslim anqatshelwe ukuba adle ezinye izinhlobo ezithile zenyama. Okunqatshelwe kubizwa ngokuthi I-Haraam. Isizathu ukuthi lezinyama zikhubaza impilo yethu.

Lokho okuvunyelwe ukuba ukudle kubizwa ngokuthi I-Halaal.

*“Inyama enqatshelwe (ukuba uyidle): inyama efile, igazi, inyama yengulube, naleyo ebulawe lingabizwanga igama likaNkulunkulu, ileyo ebulawe ngokuklinywa, noma ngokudutshulwa kabuhlungu, efe ngokuwa kanzima, ileyo ezicubu ezinye zidliwe isilwane sasendle, ngaphandle kokuthi uyakwazi ukuzihlinzela (ngendlela efanele), ileyo ebekwe njengomnikelo etsheni (elathini) (okunqatshelwe) ukuhlukaniswa (kwenyama) ngokuciba ngemicibisholo, lokho kuwububi.”*

Inyama eyenqatshelwe (Haraam) ile:

1. Isilwane esizifele, esingahlinzwanga.
2. Isilwane esife ngokuklinywa.
3. Isilwane esife ngokudutshulwa.
4. Isilwane esife ngokuwa ngekhanda.
5. Isilwane esilinyazwe esinye isilwane.
6. Igazi
7. Nyama yengulube

Ukuhlinza kulula kakhulu. Noma iliphi I-Muslim elihlanzekile livunyelwe ukuhlinza.

1. Thola umuntu ozokubambela isilwane ngendlela yokuthi singaphunyuki.
2. Bheka ku-Qibla (lapho iMakka ikhona) ebese uthi:- **BISMIL- LAHI AL-LAHU –AKBAR.** “*Ngiyaqala egameni lika –Allah uSomandla, u-Allah Mkhulu,*” ebese usika umqala nemithambo ngommese obukhali.

Kubangcono lapho umuntu esika imithambo kuqala, abese eqhubeka esika kathathu ukwenza isiqiniseko angeqi kokwesithathu. Ukugcizelela kommese obukhali kanye nokusika kokuqala kuyisizathu sokubulala ngendlela yesintu. ISEXWAYESO! UNGAMUKELI, UPHATHE, UDAYISE NOMA UDLE NOMA

## IYIPHI INYAMA ENGAHLINZWANGA NGESIKO LE-ISLAM.

### IMIBUZO:

1. Kusho ukuthini ukuthi -Haraam?
2. Kusho ukuthini ukuthi –Halaal?
3. Iyiphi inyama engavunyelwe (HARAAM) ukuba idliwe?
4. Ungayihlinza kanjani inkukhu?

(ISAZISO KUTHISHA NOMA UMZALI: Nalapha futhi kubalulwa imigomo eyejwayelekile ezokwanelisa izidingo zomntwana).

### OKUNYE OKUNQATSHELWE ILOKHU

- a) IWAYINI (utshwala, insangu, izidakamizwa eziyingozi kanye nakho konke okwenza ukuthi umuntu adakwe).
- b) Ukugembula
- c) Yonke into ezuzwe, noma yatholwa ngemithetho engahambisani nemigomo ye-Islam, ngokungafanele, ngokungcola nangokuqola, noma ngabe into entshontshiwe, ukubizisa into ngokweqile, ukubizisa ngaphansi nokwehlisa, ukukhokhela kancane isisebenzi, ukweba isikhathi somqashi, ukufihla ukulimala kwempahla, ukusho okungelona iqiniso ube ulazi iqiniso.
- d) UKUBULALA
- e) I-Riba ukuzalanisa ngemali okunentengo ephezulu

## ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU NANTATHU EZINYE ZEZINGWAZI ZE-ISLAM

### UNabi wethu

U-Allah waphoqa u-Nabi wethu ukuba asabalalise I-Islam. Washumayela I-Islam iminyaka ewu-14 endaweni yase Makkah. Waba nezinkinga eziningi kodwa akazange ayeke ukushumayela I-Islam. Izitha zakhe zamphoqa ukuba ahambe eMakkah. Waya e-Madinah washumayela I-Islam kubantu. Kwathi lapho abantu abanengi sebemlandela wabuyela e-Makkah. Wafela eMadinah eseneminyaka engama-63.

Unkosikazi wokuqala weNabi yethu kwabe kungu Khadija. O-Ayesha, indodakazi ka Abubak'r Siddiq, Hafsa, indodakazi kaUmar ibn Khattaab, nabo



kwakungamakhosikazi akhe.

Amadodana akhe kwabe kungu-Qasim, Ibrahim, Abdullah. Bonke bashona besebancane. Amadodakazi akhe kwabe kungu Zainab, Umm Kulsum, Ruqiyah noFatima.

### **U-Sayyidah Abubak'r Siddiq**

Emveni kokufa kwe-Nabi yethu, ama-Muslim aqoka u-Abubak'r Siddiq njengomphathi wawo.

### **U-Sayyidah Umar ibn Khattaab**

Esembhedeni wakhe wokufa u-Abubak'r waqoka u-Umar njenge-Khalif yama-Sulumane. Ngesikhathi sokuphatha kwakhe iNkolo yama-Sulumane yasabalala kanti nesibalo sama-Sulumane sanda.

### **U-Sayyidah Uth'maan, iNdodana ka Af'aan**

Kwathi lapho u-Umar eholo umthandazo e-Mosque, isitha sama-Muslim sagijima seza kuye sabe sesingwaza ngommese. U-Umar wafa. Emveni kwakhe, u-Uth'maan, indodana ka Af'aan wakhethwa waba I-Khalif.

### **U-Sayyidah Ali, iNdodana ka Abi Tali**

Kwathi ngesikhathi u-Uth'maan ey-Khalif amanye ama-Muslim amsola ngokuqokela umndeni wakhe ezikhundleni eziphakeme. Kwathi lawoma-Muslim ayengazisis kahle agijima aya emzini wakhe ayombulala. Emveni kokufa kwakhe abantu baqoka u-Ali, indodana ka-Abi Talib njenge-Khalif.

Laba abane o-Abubak'r. Umar, Uth'maan no-Ali babizwa ngokuthi aBaholi abaLungileyo Khula' fa-ur-Rashideen.

#### **IMIBUZO:**

1. UNabi wethu wafela kuliphi idolobha?
2. Wayeseneminyaka emingaki ngenkathi efa?
3. Ubani owaba nguMholi (Khalif) emveni kwakhe?
4. Bala aBaholi abaLungileyo ngokulandelana kwabo
5. Umuphi umholi (Khalif) owabulawa e-Mosque?

Leligama elithi **SAYYIDINAH** livamiswe ukusetshenziswa ngaphambi

kwamagama abantu abahloniphekile. ISibingelelo esejwayelekile esisetshenziswa **emva** kwamagama alam-Khalif angenhla ilesi “**RADI-YALLA-HU ANHU**”. *‘Ngicela u-Allah abe naye’*.

## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU NANE**

### **EZINYE ZEZINDLELA ZOKUZIPHATHA ZO NABI WETHU**

Unabi wethu ubebathanda omakhelwane bakhe kanti wayehlala ebanakekela njalo. Ubehlala ethi:

“U-Jibra-eel ubelokhu ephakamisa omakhelwane bami kumina ngaze ngacabanga ukuthi uzobamemezela njengondlalifa (bomakhelwane)

Unabi wethu wayejwayele ukuwasha amazinyo, izinzipho zakhe azigcine zimfushane kanti futhi ekuthanda ukuhlanzeka. Wayekhonze ukudlala nezingane ezibiza ngamagama ezidlaliso.

Lapho u-Nabi wethu ayehlala phansi lapho esedla, ubevame ukuthi athi Bismillah Hirrah–maa-nir – Raheem, abese edla ngesandla sakhe sokudla, wayengakuthandi ukudla ngesandla sakhe sokunxele.

Wayephefumula kakhulu izikhathi ezintathu ngaphambi kokuba aphuze, kanti wayenga- kuphephethi ukudla uma kushisa. Wayethanda amanzi abandayo.

Lapho emenywa kungabe isicebi noma umuntu ontulayo wayesamukela isimemo. Kwakuthi lapho edla, angadli kakhulu, noma kancane kakhulu kanti ekupheleni kokudla ubevama ukubonga u-Allah aMdumise.

Bekuyinjwayelo yakhe ukuba athi ‘**Al-hamdu-lillah**’ (Lonke uDumo nokuBonga makube ku –Allah)

lapho ethimula nalapho ezwa omunye umuntu ethimula ethi **Al- hamdu-lillah** emveni kokuthimula, ubephendula athi:

**Yar-hamu-kallah** (Sengathi uMusa kaNkulunkulu ungaba phezu kwakho).

Isisho esithi **AL–HAMDU-LILLAH** siyashiwo lapho kuzwakaliswa ukugculiseka noma uphendula lapho umuntu ebuza ngesimo sempilo nobunjalo bakho.

Wabe esetshela abangani bakhe ukuthi babeke isandla emlonyeni lapho bezamula. Lapho uzamula uthi:-

**A'Oothu Billahi, Minash-Shaytaanir-Rajeem.** *“Nginxusa ukuvikelwa ngu-Alah kuSathane (omubi) oqalekisiwe.”*

Ubewuthanda umndeni wakhe, kanti wabe esethi” abangane bakhe abalandele isibonelo sakhe

Wayebingelela wonke umuntu abe ehlangana naye emgwaqeni, ngisho nabafana abadlala emgwaqeni. Angeke wathanda ukuthi ubenesihe futhi uhlanzeke njengo-Nabi wethu? Waze wayiSimangaliso umuntu!

#### **IMIBUZO:**

1. Ungasichaza isimilo sika- Nabi wethu ngamazwi amafushane?

## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU NANHLANU AMA-MUSLIM AYALUTHANDA UXOLO**

I-Islam inkolo yoXolo. Sibingelela ngokuthi sithi : **As-salamu- Alaikum**, okusho ukuthi *“uXolo alube nawe”*. Uma umuntu ekubingelela kufanele uphendule ngokuthi : **Wa-alaiku –mus-salaam** okusho ukuthi *“uXolo lube nawe futhi”*. Ama-Muslim ayaphoqwa ukuba ahloniphe futhi abekezelele inkolo yabanye kanye nabalandeli bayo. Akumele sisebenzise iNkolo yabo budedengu. U-Allah onguSomandla uthi kuQur’an eNgcwele:- *“Akukho ukuphoqwa oKholweni”*. Ngamanye amazwi, angeze saphoqwa ukuthi abanye bangenele iNkolo yethu ngenkani. Kanti kufanele siqaphele labo abathi iNkolo yabo ifana neNkolo (Deen)yethu, bebe befuna ukusikohlisa.

Ezinye zeZisho zika-Nabi wethu:

“Imibiko ka-Nabi ngesi-Arabhu zibizwa ngokuthi I-HADEETH.  
(Yonke leMibiko (Hadeeth) ibikwe kwi-“Saheem Muslim”)

#### **UKUBINGELELA**

**Ala Adul – lukum Ala shay-in  
Ithaa Fa- al timoohu Taha- bab**

**Tum Afshus – salaama- baynakum.**

*Ngizonilayela into okuthi uma yenziwa idale uthando kini, zifundiseni ukubingelelana.*

### **UKUHLAMBALAZA**

**Al- Muslimu Akhul Muslimi  
Laa yathlimuhu Wala Yakh-  
Thulu- hu Wala yah- Qiruhuwa**

*“I- Muslim lingumfowabo welinye I-Muslim. Akufanele ukuthi ilihlukumeze noma iliphathe kabi, ilithuke noma lilibukele phansi.”*

*“Angeke yini nginikhombise into okuyothi lapho yenziwa idale uthando phakathi kwenu? Kwenzeni kube umkhuba wenu ukubingelelana!”*

I-Muslim lingumfowabo welinye i-Muslim. Akufanele liliphathe kabi noma lilithuke kumbe lilibukele phansi.

### **UKUZWANA**

**Laa Yu’minu Ahadu-kum Hat-  
Ta Yu’hibba La-Akhi-hi Ma yu-  
Hibbu Linafsi.**

*“Alukho uKholo lwenu oluphelele (awusoze waba i-Muslim leqiniso) ngaphandle kokuba ufisele umfowenu lokho ozifisela khona wena.”*

### **UMONA, UKUXHAPHAZA ABANTU, INZONDO**

**La Taha- sadu wala- Tanajasu  
Wala- taba- Ghadu Wagoonu  
Ibaadal – lahi Ikhwaana.**

*“Ningabi nomona phakathi kwenu, ningasebenzisani budedengu, ningazondani, hlalani njengabantu abangabafowenu, nina zisebenzi zika-Allah.”*

### **UKULIMAZA**

**Al-Muslimu Man-salimal-  
Muslimoona Miy-yadihi Wali-sanihi**

*“I-Muslim akufanele ukuthi ngezandla zalo nolwimi lwalo lilimaze amanye ama-Muslim.”*



## UKUPHA ABANTULAYO

**It- taqun- nara Walow Bi- -shaqqi  
Tamaratin.**

*“Zivikele eMlilweni noma ngabe ukwenza isenzo esihle (noma ngabe sincane kangakanani).”*

## UTHANDO LUKAMAKHELWANE

**Man – kaana Yu’mi,u Billahi  
Wal- yaumil A’akhiri Fal- yuk- rim  
Jaa-raahu**

*“Lowo okholwa ku-Allah noSuku lokuGcina kufanele ukuba ahloniphe umaKhelwane wakhe “(umakhelwane kumele ahlonishwe, aphathwe ngokucophelela, nokuba ube nesihe kuye futhi asizwe)*

## UKWAZISA IZIVAKASHI

**Man – Kaana Yu’minu Billahi  
Wal – yaumil- A “akhiri Fal- yuk- ri m  
Day-fahu**

*“Lowo okholwa ku-Allah noSuku lokuGcina kufanele azise izivakashi”.*

## UKUTHULA KUBUSISEKILE

**Man- kaana yu’minu Billahi  
Wa –yow- mil Aakhiri fal-yaqul  
Khairan O, Liyaskut.**

*“Lowo okholwa ku-Allah noSuku lokuGcina, makakhulume ngezinto ezinhle noma athule”*

## IZIMPAWU ZE-MUNAFIQ

*“Izimpawu ze-Munafiq (umkhohlisi noma inyoka) zintathu,yize noma eZila futhi eKhuleka ecabanga ukuthi uli-Muslim, lapho ekhuluma, ebe enamaphosiso, lapho enza izithembiso akazigcini, lapho ethenjjiwe enze ukungathembeki.*

## OKUHLE NOKUBI

UMprofethi oNgcwele uchaza okuhle nokubi kanje: OKUHLE ukuziphathe kahle okuheha uthando nenhlonipho kwabanye abantu; OKUBI ilezo zenzo ezimbi ezikulimazayo ngaphakathi bese zigcina zaziwa ngabanye, uzozizonda.

## **IZONO EZINKULU**

*“Isono esikhulu (esesabekayo) ‘ukulinganisa uAllah nabanye’”: ukungalaleli abazali: ukubulala izinto eziphefumulayo (ukubulala impilo): abantu, izilwane, izinyoni, nakho khonke okuphilayo ngaphandle kwesizathu, nokufunga lapho uqamba amanga.”*

## **ULAKA**

*“Akanawo amandla lowo othela phansi abantu othulini (ngamandla akhe) kodwa lowo okuthi lapho evukwa ulaka azibambe, nguye onamandla”.*

## **UKUSINGA ULWAZI**

*“Ukufuna ulwazi kuyimpoqo kunoma iliphi I–Sulumane, abasilisa nabesifazane”.*

## **UKUHLONIPHA ABAFILEYO**

Kwadlula umngcwabo phambi kukaMprofethi wasukuma. Kwathiwa kuye: *“Ngempela kungumngcwabo we-Juda”.* UMprofethi wathi: *“Bekungeyena umuntu ophilayo na,”*

## **IZINTO ZOKUQALA EZADALWA**

*“Into yokuqala eyadalwa ngu-Allah ukuhlakanipha (umqondo, namandla okucabanga)*

## **UKUHLAMBALAZA**

*“Lowo ohlambalazayo (okhuluma kabi, futhi aqambe amanga ngabanye) akasoze awungena umbuso weZulu.”*

## **UBUNGANI**

*“Kungcono ukuba wedwa kunokuba ube nomngani omubi..”*

## **IZINKULUMO ZANGASESE**

*“Lapho kunabantu abathathu (noma abangaphezu kwababili) akungenzeki ukuthi laba ababili babambe ingxoxo ngaphandle kowesithathu noma (abanye), ngoba lokho kungahle kumphathe kabi emoyeni.*

## **UKUXABANA**

*“Ngempela u-Allah uzonda izinto ezintathu emuntwini: ukuxabana (ukulwa ngokubanga umsindo, ukumosha umnotho noma umcebo womunye, kanye nokubuza kaninginingi okungenamsebenzi”.*

**PHAKATHI KWEZIXWAYISO EZIKHONA ILEZI:** Lowo ozibulalayo uyakusha emlilweni wesiHogo; ukuhamba izinyanga (abathakathi, nabanye abenza okubi); I-Fitna-ukuhleba, ukukhuluma kabi, ukungabaza, ukwenza udlame, ukukhonza

amathuna nabantu abaphilayo, zonke lezizenzo ziyasolwa.

Kunezinkulungwane zemibhalo (Ahadeeth) ezisinikeza indlela yokuphila kuzo zonke izindlela zokuphila.

(ISAZISO KOTHISHA): Ukwenzela ukuhlolwa bhala noma usho imibuzo yakho uyiqondanise nama A’hadeeth athile.

## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU NESITHUPHA**

Lezi izahluko ezimbalwa ze-Qur’an eNgcwele, kanti kufanele zishiwo ngokulandelana kwazo.

### **I-SURAH IKH-LAAS (1) UkubaMsulwa ngokoKholo** (Ibuye yaziwe ngokuthi I-“At- Tauheed – Ubunye)

**Bismilla –hir-rah- ma- nir – raheem**

*Ngियाqala Egameni lika-Allah onoMusa, nobuBele*

**Qul Huwal –lahu Ahad.**

**Alla-hus-samd. Lam Yalid**

**Walam Yoo- lad**

**Walam ya kul-lahu Kufu- wan A’had.**

*“Ithi! Nguye yedwa uNkulunkulu. U-Allah ungunaPhakade futhi uMsulwa.:  
Akazali futhi akazalwanga akekho ofana Naye.”*

### **I-SURAH AL-FALAQ (2) Ikhwezi**

**Bismilla – hir – rah- ma- nir -raheem**

*Ngियाqala ngegama lika-Allah onoMusa, nobuBele.*

**Qul A-oothu Birab-bil Falaq.**

**Min Shar-ri-maa Khalaq.**

**Wa-min Sharri Ghaa-sikin Ithaa**

**Waqab. Wa-min Shar-rin**

**Naf-fatha-ti Fil-uqad**

**Wa-min Sharri Haasi-din Ithaa Hasad.**

*“Ithi! Ngicela ukuphepha eNkosini yeKhwezi, ebubini bezinto ezidaliweyo, nobubi bobuMnyama lapho busabalala, ububi balabo abathakathayo, nasebubini balowo onomona lapho enza izenzo zakhe zomona”.*

## I-SURA AN – NAS (3) ISINTU

**Bismilla-hir –rah – ma – nir – raheem**

Ngiyaqala ngegama lika-Allah onoMusa, nobuBele.

Qul A- oothu Birab- bin naas. Mali –kin

**Naas. Ilaa-hin-naas. Min Shar-ril**

**Was-waa-sil Khan –naas. Al- lathee**

**Yu- was- wisu fee Sudoorin –naas.**

**Minal Jin-nati Wan- nas.**

*“Ithi! Ngicela ukuphepha kuNkulunkulu weSintu, iNkosi yeSintu, futhi enguMvelingqangi weSintu, ebubini bomhlebi obe esenyenye emveni kokuhleba, lowo onyenyeza ezinhliziyweni ze-Sintu futhi ebe ephuma kuma-Jinns nasebantwini.*

## UKUHLABA IKHEFU KWAMAMUSLIM NEMICIMBI YAWO

JUMA’AH – Uba ngoLwesiHlanu ngesikhathi somthandazo.

- IMICIMBI: 1. EIDUL –FIT’R (lapho sekuphele u-Ramadaan –I-Show-waal yokuqala)
2. EIDUL –ADHA (I-Qur’baan noma umcimbi we-Haj- ngo 10 ka- Thil Qadah)

## UMLANDO NEZIKHATHI EZINGCWELE

- 1 ST KA-MUHARRAM Ukuqala konyaka omusha wama muslim (usuku luka Hijrah
- 2 KA MUHARRAM- Usuku lokufika kukaMprofethi e Madinah ;uMfelokholo ka- Imaam Hoosain (umzukuluka ka Mprofethi).
- 3 MOULOODUN – NABI – USuku lokuZalwa lukaMprofethi (12<sup>th</sup> ngo Rabi-ow-wal).
- 4 MI’RAAJ – UBusuku bokweNyuka – 27<sup>th</sup> woBusuku buka Rajjab.
- 5 LAYLATUL-QAD’R -uBusuku bamandla- 27<sup>th</sup> wobusuku buka Ramadaan.

Imicimbi ibandakanya: Ukuzala (ukwethiwa kwegama) : Nikah (uMshado) ; Ukufa



## **IKHALENDI I-HIJRI**

I-HIJRI IKHALENDI LE- ISLAM-LIQALA MHLA UMPROFETHI UMUHAMMAD EMUKA E MAKKAH EBHEKA E MADINAH (NGESIKHATHI SAMAKRESTU 622). IGAMA ELITHI HIJRI LIPHUMA KWELITHI HIJRAH, KANTI LISHO UKWEMUKA.

**(Izinyanga ze-Islam, zisuselwa eKhalendeni lezinyanga, eliqukethe izinyanga ezingama- 29 noma ezingama-30)**

- |                      |                    |                 |
|----------------------|--------------------|-----------------|
| 1. MUHARRAM          | 5. JAMADIL –OW-WAL | 9. RAMADAN      |
| 2. SAFAR             | 6. JAMADIL-AA-KHIR | 10. SHOW-WAAL   |
| 3. RABBI –AL- OW-WAL | 7. RAJAB           | 11. THIL-QA-DAH |
| 4. RABI-AL- AA-KHIR  | 8. SHA’BAAN        | 12. THIL- HAJ   |

## **IZINOMBOLO ZESI-ARABHU**

- |             |               |            |               |              |
|-------------|---------------|------------|---------------|--------------|
| 1. Waa-hid  | 3. Tha-laatha | 5. Khamsah | 7. Sab-ah’    | 9. Tis-ah    |
| 2. Ith-nain | 4. Ar-ba’a    | 6. Sit-tah | 8. Thama-niya | 10. Ash-rah’ |

Kwesinye isikhathi kusetshenziswa izinombolo 786 esikhundleni sika “Bismillah-Hir- rahmaa-nir- raheem”. Onkamisa besi- Arabhu bamelwa izinombolo nabo, ngakho –ke amagama kulomusho ongenhla afinyelela esibalweni esingama-786.

## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU NESIKHOMBISA**

### **I-SH’FA’I DU’A – UL- IFTITAH**

**Ishiwo emveni kwe TAKBIRATUL- IH’RAAM**

**Waj- jahtu wa-hiya Lil- lathee Fat-ras  
Sama-waati wal-arda Haneefam  
Muslimow (n) wama ana Minal  
Mushrikeen. Inna Salati Wa- nusuki  
Wa-mah-yaya wa-mamati Lil- laahi rab-  
bil A’ alameen. Laa Shareeka-lahu  
Wa-bithaa –lika Umirtu wa-ana  
Minal – Muslimeen.**

*“Ngibeka ubuso bami ngokuqinile nangokweqiniso kuLowo owadala iZulu nomhlaba, kanti angeke ngizilinganise no- Allah,” “Ngiqinisekile ukuthi, umkhuleko wami, umnikelo wami, impilo uNkulunkulu weZwe, “Akanaye umelekeleli. Yingakho ngithunywa, njengomunye wama-Muslim.”*

“ISAZISO ESIBALULEKILE SIKA THISHA” ekhasini le-16 angeke sizigcizeleleke. Uthisha angahlanganisa lezizaziso ukuze akwazi ukuthi enze isifundo. Kufanele kugcizelelwe ukuthi ama-Math-hib ku-Islam awazona izinkolo ezahlukene. I-Math-hab nge- Islam isho INKOLELO ETHILE, eyabunjwa izifundiswa ezihlonishwayo ze-Islam okwabe sekuvela igama elithi Matha-hib emveni kwazo.

Konke abakuhumushayo kanye nendlela yenqubo yakhelwe eMyalweni naseZenzweni zoMprofethi oNgcwele we-Islam, kanti I-Muslim likhululekile ukuba lilandele noma ubani.

Inkulumo mpikiswano, esikhundleni sezinkulomo zokucwaninga mayelana nalezihloko kumele zingagquqzelwa. Ukubekezelelana kumele kutshengiswe ngaso sonke isikhathi. Kanti kufanele kucaciswe emntwaneni ukuthi kufanele kuchithwe yonke inqubo engahle iphikisane neMigomo eYesekele I-Islam noma iMfundiso ye-Qur’an eNgcwele.

## **ISIFUNDO SAMASHUMI AMATHATHU NESISHAGALOMBILI I-SHA’FA’I TASHAH-HUD (TAHIY-YAAT)**

(Incazelo yalokhu iyefana naleyo ye-TASHAH- HUD esekhasini 23)

**At-tah- hiyya-tul Mubarakatus-salawatut  
Tay-yibaatu Lil-laahi. As- salaamu Alaika  
Ay-yuhan- nabiyy –yu Wa- rah-matul-lahi  
Wa-barakatuh. As-salaamu Alaina Wa-  
Ala ibadil-lahis- saaliheen. Ash-hadu  
Anna Muhammadar-Rasoolul-lahi.**

**ISIFUNDO SAMASHUMI  
AMATHATHU NESHISHAGALOLUNYE  
I-SHA'FA'I' SALAWAATUL- IBRAHIMIY-YA**

Allahum-ma sa-li A'laa Muhamma-din  
Wa-alaa Aali Muhamma- din Kama Sal-  
Layta Ala- Ibraheema wa-alaa Aali  
Ibraheem. Wa-baarik Alaa  
Muhamma-din Wa-alaa  
Ali Muhamma- din Kamaa Baarakta Alaa  
Ibraahima Wa-alaa Aali Ibraheema  
Fil Aala- meena In- naka  
Hameedum- majeed.

(Incazelo iyefana naleyo esekhasini lamashumi amabili nantathu)

**ISIFUNDO SAMASHUMI AMANE  
I-SHA'FA'I QUNOOT**

Alla- humah –dini Fee- man hadait. Wa-  
Aafini Fee- man- aafait. Wata- wallani Fee-  
Man tawal-lait. Wa-baarik- lee Fee Maa  
'Aa-tait. Waqini shar-ra-maa qadait. Fa-  
innaka Taqdee wala Yuq-daa 'Aalaik.  
Wa-innahu Laa Yathil- lu Mow (n)-wa-  
Lait. Wala ya- izzu Man-'Aa-dait. Tabaa-  
Rakta rab-bana Wa-ta-'Aa-dait. As-tagh-firuka  
Wa-atubu ilaik. Wasa-lal –laahu 'Aa-laa  
Muhamma –din wa-aalihi wa-as- habi-hi  
Wa-sa-lam

*“O,Allah, ngikhalimele kanye nalabo oBaVikele.Ngiphe impilo kanye nalabo obaphile ukuphila.Ngamukele ebunganeni kanye nasekuvikeleni nalabo oBamukelile. Bese ungibusisa ngayo yonke into Ongiphe yona.Ngivikele komubi oMuqalekisileyo ngoba akekho omunye oqalekisa ngaphezu Kwakho.Ngoba ngokweqiniso akasoze abukelwa phansi lowo owamukelile ebunganini nasekuvikelweni Kwakho.Kanti akasoze atuswa lowo othole ukungathokozelwa Nguwe.” “Ubusesiwe uMbuso Wakho Nkosi ebusa ngaphezu kwazo zonke izidalwa.Ngokuba umbuso wakho wabongwa watuswa*

*ngalokho okugcobileyo.” Nginxusa uxolo nokuphenduka ezonweni zonke Kuwe.Ebese futhi O, Allah uthumela imikhonzo kanye nezibusiso kuMuhammad, umndeni wakhe kanye nabangani bakhe.*

## ISIPHENDULO (INDLELA YE HANAFI YOKUKHULEKA I-WIT’R)

Ama-Hanafi enza I-Wit’r ngama-Rakaat amathathu, ngendlela efana ncamashi neye- Fard Salaah yeMaghrib.Umehluko ukuthi emveni kokusho I-Sura-Fatiha kanye ne-Surah emfushane kwi-Raka’at yesithathu awuguqi lapho wenza I-Ruku kodwa esikhundleni salokho uthi “Allah-Akbar” uphakamisa isandla njengoba kutshengisiwe ebese ugoqa izandla zakho futhi njengoba kutshengisiwe.



Ibe ususho I-Qunoot kanje:

**Alla- hum-na inna Nas –ta-‘ee-nuka Wa  
Nastagh- firuka Wa Nu’minu-bika Wa  
Natawak-kalu Alaika Wa-Nuthni’Alaikal-  
Khaira Wa Nash-kuru-ka Wa-la Nakfuru-  
Ka WaNakh-la’u wa Nat-ruku Ma (n) y-  
Yaf-juruka. Alla-hum-ma iy-yakaNa’budu  
Walaka Nusalli Wa Nas-judu Wailaika  
Nas’aa Wa Nah-fidu WaNarjoo Rah-  
Mataka WaNakhsha “Athaa-baka inna  
‘Athaaa-baka Bil Kuf-faari Mul-hiqum.**

Manje ithi “*Allahu-Akbar*” ebese uguqa phansi ukwenza I-Ruku.

## INCAZELO YE-HANAFEE QUNOOT

*“O,Allah, sinxusa usizo Lwakho kanye nokuxolelwa Nguwe kanti sikholwa Kuwe siyethemba Kuwe, futhi siKutusa ngoKusisuthisa kanti siyaKubonga singaKuphiki, sichitha futhi singemukeli lowo ongaKulaleli. “O, Allah! Nguwe kuphela esiMdumisayo kanti siKhuleka kuwe kuphela futhi sizithoba phambi Kwakho, siza Kuwe ngokushesha, futhi sibe silambeke uMusa waKho*



*sesaba inhlawulo yaKho ; ngokweqiniso inhlawulo yaKho yehlela labo bangakholwayo.”*

### **ASIWONA “AMA HAMMADANI”!**

**Isikhathi esiningi ama-Muslim abebizwa ngokuthi “aMahammadani” okuligama elizondwa ngama-Muslim afundile. Asisho ukuthi kwenziwa ngesimabomu, ukusithuka. Kungezeka ukuthi kudalwa ukungazi. Kungenxa yokuthi ama-Muslim amaningi ayelemukela leligama, mhlawumbe ngoba engazi.**

Lowo ongesilo i-Muslim usibiza ngo-“*Mahammadani*” ngoba ecabanga ukuthi uma abalandeli baka-Krestu bebizwa ngamaKrestu, nabalandela baka-Buddha bebizwa ngama-Budhi, okusho ukuthi abalandeli bakaMprofethi uMuhammad kufanelwe babizwe ngo-“*Mahammadani*”. I-Muslim ngokunganaki libe selamukela leligama.

Kanti akulungile kanti kuholela ophathe ukunikeza leligama kubalandeli benkolo ye-Islam. Inkolo uMProfethi ayeyishumayela yabe ivela ku-Allah, yaziwa ngokuthi I-Al- Islam kwi-Qur’an, okusho ukuthi –UKUZINIKELA (eMyalweni ka-Allah) (u-Al ngesi-Arabhu usho ukuthi “*I*”). Isahluko se-5, iVesi le-4 leQur’an lithi:- “*Kulolusuku ngenze inkolo yabamsulwa, ngafeza uMusa Wami kuwe ngabe sengikhetha I –Islam njengenkolo yakho.*”

Kuphambene nemfundiso ye-Qur’an noMprofethi oNgcwele ukuchaza I-Islam njengeNkolo yakhe. Isisekelo sokholo lwethu, I-Kalima yethu (okuwubhalo wo-Kholo) igcizelela ekutheni uMprofethi uMuhammad uyisiThunywa sika –Allah ngaleso sizathu inkolo ka-Allah I-Islam.

I-Islam ayilithwali igama lomuntu. U-Allah wasinika igama. Ngakho-ke igama elithi Muslim lisho umlandeli we-Islam.

**Ama-Muslim kufanele agcine amagama awanikezwe nguNkulunkulu bagcizelele ekubizweni ngalamagama hhayi amanye ahlambalazayo. Kungumsebenzi wethu ukuthi sikhanyisele labo abanganaki ukuthi bayesethuka lapho ngokusibiza ngo “Muhammadani”, labo abangafuni ukulalela incazelo yethu bayakuzuza ulaka luka-Allah kanye nabalandeli beNkolo yabo, ngoba yini embi edlula ukuphatha kabi omunye umuntu.**

## ISIFUNDO SAMASHUMI AMANE NANYE ONKAMISA BESI-ARABHU

Kufanele labo nkamisa bathathwe njengamagama amaKHULU. NjengasesiNgisini kuyashintsha lokhu nxashane sekuhlanganisiwe (uma kusethsenziselwa ukubhala igama). Akuvamile ukuthi igama, lesi-Arabhu libhalwe ngaMAGAMA AMAKHULU.

UMSINDO walabonkamisa abashiwo ecaleni kukankamisa ngamunye kanti kunemisindo engeke yakwazi ukuthi ishiwo ngeSingisi. Isibonelo: u“Hi”, njengoba ushiwo ku “Muhammad” noma u“S” wesibili kaSalaah, noma u “T” wokugcina ku Tahir noma ku “A” wokugcina ka Ali. Bangingi onkamisa abanjalo, kodwa njengoba lencwadi kungeyona eyokufundisa isi-Arabhu, uThisha noma uMzali kuzomele aqondise abafundi ngoku- bizwa kwamagama ngendlela efanele. (Bhala kusukela esandleni sokudla).



ر	ج	ث TH <small>(as in through)</small>	ت T	ب B	ا A
ذ TH <small>(as in that)</small>			د D <small>(same movement as above "T" but say "D")</small>		ح KH <small>(guttural)</small>
ط T <small>(draw lips forward "tw")</small>	ض D <small>(draw lips forward "dw")</small>		ص S <small>(draw lips forward "sw")</small>	ش SH	س S
ك K	ق Q <small>from throat</small>	ف F	غ GH <small>(guttural)</small>	ع A <small>(from throat)</small>	ظ THW <small>"thw" as in "though"</small>
ي Y	ا A <small>short</small>	ه H	و W	ن N	م M L

# ISIFUNDO SAMASHUMI AMANE NAMBILI

ISAZISO KUTHISHA NOMA UMZALI: Lamagama angasetshenziselwa ukwenza imibuzo, isibonelo: Kuchaza ukuthini ukuthi Sau'm?)

**A,meen** – wuzwe umkhuleko  
**Ambiyah** – abaprofethi kwelanga  
**Aa'mil-feel** – unyaka wendlovu  
**Al-Ameen** – othembekileyo  
**Allah** – Unkulunkulu usimakade  
**Al-Khaliq** – umdali  
**Ar-Raheem** – Onesihawu  
**Ar-Rasool** – isithunywa  
**Arkaan** – ukuziqeqesha  
**A'thaan** – ukubizelwa emkhulekweni  
**A'yat, A'yah** – Amavesi  
**Bilaal** – umngani kamprofethi  
    UMuhammad futhi owokuqala  
    owenza IAthaan  
**Bay-tul-lah** – indlu ka Allah  
**Du'a** – isicelo, isifiso  
**Du'a-ul-Iftitah** – umkhuleko  
    Wokuvula  
**Deen** – inkolo, ukholo  
**Eemaan** – inkolo ukuba nokholo  
**Eid** – ukujabula  
**Eid-ul-Adha** – umkhosi womhlatsshelo  
**Eid-ul fitr** – usuku lokuphana  
**Fard** – impoqo  
**Fardul kifayah** – omunye angenza  
**Fitra** – ukupha okuyimpoqo  
**Ghusl** – ukugeza  
**Hadeeth** – okushiwo uMprofethi  
**Haj** – uhambo oluya engqungqutheleni  
**Halaal** – okuvumelekile  
**Hanafi** – abalandeli beHanafi  
    raka'at indlela yokuthandaza  
**Haraam** – okunqatshelwe  
**Harun** – Aaron  
**Hira** – intaba yase Nur ese Makkah

**Insha-Allah-** uma uAllah ethanda  
**Imaam** –ohola umthandazo, umfundisi  
**Ishraaq** – ukuthandaza emva kokuphuma  
**Iqamah** – ukuma ulayini umauzothandaza  
**Jalsah** – indlela yokuhlala  
**Jama'a** – ukuhlanganyela  
**Janazah** – umngcwabo  
**Jibr'eel** - ingelosi uJibr'eel  
**Juma'ah** –umkhuleko wangolwesihlanu  
**Kalimah** – isifungo sokholo  
**Ka'bah** – isakhiwo esiseMakkah  
**Khalifa** – Umlandeli  
**Khalifs** – kusho ubuningi be Khalifs  
**Khut'bah** – intshumayelo  
**Lab-baik** – ngiyeza kuwe  
**Masha-Allah** – njengentando ka Allah  
**Mimbar** – ipulpiti  
**Mu'ath-thin** – omemezela iAthaan  
**Nabi** – Umprofethi  
**Naf'I** – iSunnat encane  
**Najasat** – ukuncola  
**Nisaab** – okuncane  
**Niyah** – inhloso  
**Qadaa** – ukuphinda ukhokhe  
**Qiblah** – ukubheka iKa'bah eseMakkah  
**Qiyaam** – indlela yokuma  
**Qunoot** – ukuzinikela emkhulekweni  
**Rabi-al-ow-wal** – inyanga yokuzalwa  
    KoMprofethi  
**Ramadaan** – inyanga yokuzila  
**Rashideen** – okulungileyo  
**Rasool** – izithunywa  
**Rasoolul-lah** – izithunywa zikaAllah  
**Ruku** – ukugoba  
**Shafa'I** – abalandeli beShafa'I



**Hijrah** – ukufuduka  
**Hijri** – ikhalende lamaMuslim  
**Ibadah** – ukukhonza uAllah  
**Injiel** – itestamente elisha

**Salaam** – isibingelelo  
**Salaat** – umthandazo  
**Salatul Janazah** – umthandazo womcwabo  
**Salawaat** – isibingelelo

## TASBEEH

Ukusho I-**Tasbeeh** kusho ukudumisa u-Allah ongu-Somandla. I-**Tasbeeh** ivama ukushiwo emveni kwayo yonke I-Salaah. Igama ‘Tasbeeh’ libuye limele inqwaba yobuhlalu obuxatshewe ndawonye; yahlukaniswa izigaba ezintathu zobuhlalu obungu-33, kuhlangele nalobu obukhulu ukwenza I-100. (igama eliyilo le-‘Tasbeeh noma I-‘Rosary’ yi-**Musabbaha**).

Le-Tasbeeh elandelayo ishiwo izikhathi ezingu 33 iyinye

**Sub-ha-nallah** (*UDumo alube Kuwe, O Allah*)

**Al- Hamdu Lillah** (*UDumo alube Kuwe, O Allah*)

**Allahu –Akbar** (*UMbuso Wakho Mukhulu, O Allah*)

I-Tasbeeh ingashiwo kusetshenziswa iminwe, kubangcono lapho kusetshenziswa isandla sokudla. Isithupha isona esibalayo kanti kuqalwa ngomunwe omncane. Ilowo nalowo munwe kufanele ubalwe amalungu amathathu. Lapho usufike esithupheni sibale ngomunwe wakho wokukhomba naso usibale kathathu. Ukubala kabili okugcwele kwesandla kanye nokubalwa okugcwele komunwe omncane kwenza iziwombe eingama-33 zokushiwo kwe-Tasbeeh.

Kanti awukho umkhawulo ekudumiseni u-Allah ongu-Somandla. I-Tasbeeh iyona elula kakhulu, ekubeni iyindlela enamandla yokukhumbula uMdali wethu. Kufanele ukuthi sikwenze umkhuba wethu ukusho I-Tasbeeh uma sinesikhathi.

## IMIKHULEKO ELULA

**Lapho ugibela isilwane noma imoto ithi Bismillah bese uthi:-**

**Subhanal- Lathi Sakh-Khara- Lana haa-tha Wama koen-na lahu Moeq  
Lahu – Rineen**

(*UDumo alube Kuye Owadala lokhu (isilwane, into yokuhamba noma imoto)  
ukuze sisizakale ngaphandle kwalokho ngabe asikwazanga ukukusebenzisa.*



**Lapho umoya wakho ukhathazekile:**

**Hasbunul- Lahu Wa Ni'- mal Wakeel**  
*(U-Allah wanele kithina kanti unguMondli oVelele)*

**Lapho uyakolala, lala ngecala lakho lesandla sokudla ebese uthi:**

**Allahuma Bi- imika Amoetu Wa Ah-ya.**  
*(O, Allah, Ngiphila futhi ngife egameni Lakho)*

**Lapho uvuka ebuthongweni:**

**Alhamdu- Lillahi- Lathi Ah-yana Ba'damaa Amaatana Wa ilahin -  
Nushoer**  
*(Lonke uDumo oluka-Allah,okunguYena osibuyisele ekuphileni emveni kokuba  
abesenze ukuthi sife, kanti siyobuyela kuYena.)*

## **UMPROFETHI NJENGESIBONELO**

UMprofethi wethu oNgcwele wabe engumuntu oyisibonelo.Wayenza lokho ayekusho. nomangabe wawumbeka kusiphi isimo sempilo wawumthola eyisibonelo. Zama ukufunda kabanzi ngempilo yakhe. Uzakumangala!

**ESENGUMNTWANA** wabe elalela abantu abadala. Wabe enokuziphatha okuthandekayo kangankokuthi uYise owabe engumondli wakhe wayethanda yena ukudlula izingane zakhe azizalayo.

**EBUSHENI BAKHE FUTHI EBE EYINTANDANE** akazange azidabukele. Wayethatha noma imuphi umsebenzi ukuziphilisa ngokweqiniso. Waba ngumalusi wenkokhelo okusebenza ngangamandla akho. Akazange enze izinto ezingamahlazo.Njengoba ayengakakaze aqambe amanga,ama-Makkans amhlonipha ngokumqamba igama lesidlaliso elithi –**AI-AMEEN**,othembekileyo.

**NJENGOMYENI** angachazwa ngamazwi akhe: *“Omuhle phakathi kwenu yilowo ophatha kahle ngokuvelele umndeni wakhe, ngoba nami ngiphatha umndeni wami kahle ngazo zonke izindlela ezikhona.”*

**NJENGOBABA NOMKHULU** ubetshengisa ukuzwelana nokuphathwa kahle kwabantwana kanti futhi ubebathanda. kwathi lapho indodana yendodakazi yakhe iyilokhu ikhala, wathi kuyo” Kungani ukuthi uvumele umntwana ukuba eyilokhu ekhala? Awazi ukuthi ukukhala kwakhe kuyangidabukisa?

**NJENGOMAKHELWANE** wathi: Akasilona ikholwa leqiniso lowo ohamba

ayolala emveni kokudla ekubeni umakhelwane wakhe elambile”. Kwathi ngenkathi omakhelwane bakhe aba ngewona ama-Muslim belahla izibi ngamabomu phambi komnyango wakhe. Wenza isikhalazo kuye esithi” Kungabe ukwakhelanaokunjani lokhu?” kwaba kuphela

**NJENGOMTHANDI WEZILWANE** wayevuka embhedeni wakhe ofudumele ayolanda ikati ayelizwa likhala ngaphandle emakhazeni kanti wayezikamela yena ikameli lakhe, ihhashi kanye nomunyuzi. Wathi umuntu mumbé waya eMparadisweni ngoba enikezeinja amanzi

**NJENGOMNGANI** wabe ezinikela. Wayebanika usizo lapho begula kanti wabe enganqabi lapho bembiza ukuthi azobasiza. Lapho Kuyiwa ebumnandini bonke bababelana imisebenzi eyahlukene bengafuni ukumnikeza owakhe umsebenzi kodwa wabe evume ngeshe ukuba atheze inzinkuni Kwakuthi lapho bekhala ababuze ukhti kungani ukuthi yena akhethwe njengoba waycngomunye wabo.

**NJEGOSOMABHIZINISI** wabe eqotho ekuhwebelane i Wathi: **Sengathi u-Allah angehlisa imvula yezibusiso kulowo okhokha inani elifanele lapho ethenga, lowo obiza inani elilingene lapho ethengisa, lowo ongabizi ngokweqile lapho enikeza ngesikweletu, lowo okhokhayo lapho ethenga ngesikweletu ebefuthi etshengisa uzwelo lapho efuna izimali zakhe eziseleyo**

**NJENGOMHOLI** wabe engasabi muntufuthi elalela iMIYALO ka-Allah

**NJENGESILWI** wabe enesibindi phakathi kwamaqhawe. Umzala wakhe owabe enesibindi u-Sayyidina Ali benomngane wake bamchaza kanje: **Kwakuthi lapho impi ishisa bazungeze ngemuva kweSithunywa sika-Allah kanti wayehlala eseduzane nesitha.** Kwathi ngobunye ubusuku bezwa umsindo ngaphandle kwedolobha I – Madinah, abangani boMprofethi bahlangana baba impi bezocwaninga, kodwa ngaphambi kokuthi baphume ngamahhashi abo babona umgibeli wehhashi eza kubona. Lowomgibeli kwabe kungu Mprofethi u-Muhammad owayebeke impilo yakhe ebucayini ngokuba ahambe ayobheka lomsindo yedwa Zwi.

Ungabuye ulifune elinye Iqhawe elingcono?

(Muslims are requested to reproduce these charts on hard paper/board and to distribute it among Muslim Brethren)

## \* CHART OF RAKA'AT \*

"I am a Muslim"

**SYMBOLS:** M = Mu'akkadah = Strongly Recommended  
 G.M. = Ghair Mu'akkadah = Voluntary  
 W = Wajib = Very Strongly Recommended

Number of Sunnat shown here are the customary.  
 There is no limit

PRAYER TIME	SUNNAT BEFORE FARD				FARD (Compulsory)	SUNNAT AFTER FARD				OTHER SUNNAT				NAFIL NO LIMIT
	Hanafee		Sha'fa'i			Hanafee		Sha'fa'i		Hanafee		Sha'fa'i		
	M.	G.M.	M.	G.M.		M.	G.M.	M.	G.M.	M.	G.M.	M.	G.M.	
SUBUH or FAJR (Dawn)	2		2		2 aloud	N I L		N I L						AVOID PRAYING AT SUNRISE ----- NOON AND SUNSET
ZUH'R (After Noon)	4		2	2	4 silent	2		2	2					
'ASR (Late Afternoon)		4		4	4 silent	N I L		N I L						
MAGHRIB (After Sunset)	N I L			2	3 first 2 aloud	2	6	2						
E'SHAI (Night)	2	4	2	2	4 first 2 aloud	2	4	2						
JUMA'AH (Friday Zuh'r time)	4		2	2	2 aloud	2		2	2					
WIT'R (After E'shai) During Ramadaan in Congregation and aloud										3w		2+1 m		
TAHAJJUD (Late Night Prayer - Anytime after waking up at night but before Subuh)												2 or more		
DUHA or ISHRAAQ (Morning) About an hour after Sunrise												2 or more		
TARAWEEH (During Ramadaan, after E'shai)												Twenty		
EIDUL-FIT'R (Ramadaan Festival) After Ishraaq, before noon.										2w		2m		
EIDUL-ADHA (Haj Festival) after Ishraaq, before noon.										2w		1m		



e-mail: [ipcisa@yebo.co.za](mailto:ipcisa@yebo.co.za) Website: [www.ahmed-deedat.co.za](http://www.ahmed-deedat.co.za)



**IPCI thanks the sponsors who made the printing of this book possible. May Allah (SWT) bestow His choicest blessings upon them and their families, Aameen. Your continuous support towards Sheikh Ahmed Deedat's literature is appreciated.**

Enquire now for:-

- Holy Qur'an ("the Future World Constitution")
- Videos on Sheikh Ahmed Deedat & other Scholars
- DVD's also available

\* ***LEZISHICILELO ZIYATHOLAKALA NGESIZULU***  
\* ***UBHAQA***  
\* ***YINI UBU ISLAM***  
\* ***ZULU QURAAN (Part one)***







# IPCI

**ALL OUR LITERATURE IS ABSOLUTELY FREE.**  
But we do appreciate any contribution towards postage, packaging and publication.  
**ZAKAAT, LILLAH and DONATIONS are accepted.**

## *The following FREE literature is available on request*

- 1 What is His Name?
- 2 "50 000 Errors in the Bible?"
- 3 Christ in Islam
- 4 What was th Sign of Jonah?
- 5 Is the Bible God's Word?
- 6 Who Moved the Stone?
- 7 What the Bible says about Muhummed (PBUH)
- 8 Muhummed (PBUM) The Natural Successor to Christ (PBUM)
- 9 Muhummed (PBUM) the Prophet of Islam
- 10 Arabs and Israel - Conflict or Conciliation?
- 12 The God that Never Was
- 13 Crucifixion or Cruci-Fiction?
- 14 The Muslims at Prayer
- 15 "His Holiness" plays hide and seek with Muslims
- 16 Way to the Qur'an
- 17 "Salaah" - The Muslim Prayer
- 18 Resurrection or Resuscitation?
- 19 Muhummed (PBUH) No 1(Top 100) by Michael Hart
- 20 COMBAT KIT

Please Contact:

**ISLAMIC PROPAGATION CENTRE INTERNATIONAL** 

4th Floor, 124 Queen Street, Durban 4001, RSA

P.O.Box 2439, Durban 4000, RSA

Tel (027 31) 306 0026 / 7

e-mail : [ipcisa@yebo.co.za](mailto:ipcisa@yebo.co.za)

website: [www.Ahmed Deedat.co.za](http://www.Ahmed Deedat.co.za)

[www.ipci.co.za](http://www.ipci.co.za)